# 1923 EMINYAKENI EYIKHULU EDLULE

*INQABAYOKULINDA* kaJanuwari 1, 1923 yathi: "Silindele ukuba unyaka ka-1923 kube unyaka ojabulisa ngempela. Kuyilungelo elikhulu ukutshela . . . leli zwe elicindezelwe ukuthi ikusasa elingcono liseduze." Lo nyaka wawuzobakhuthaza abaFundi BeBhayibheli njengoba indlela ababekhonza ngayo uJehova nendlela ababeshumayela ngayo yayiqala ukubonisa ubunye, lobo esibubonayo namuhla.

## UBUNYE EMIHLANGANWENI YEBANDLA

Phakathi nonyaka, inhlangano yenza izinguquko ezithile ezasiza abaFundi BeBhayibheli baba nobunye kakhudlwana endleleni abakhonza ngayo uNkulunkulu. *INqabayokulinda* yaqala ukunyathelisa amaphuzu achaza umBhalo okwakuxoxwa ngawo eMhlanganweni Womthandazo, Wokudumisa Nowokunikeza Ubufakazi wamasonto onke. Ngaphezu kwalokho, abaFundi BeBhayibheli benza ikhalenda elalinomBhalo wesonto ngalinye kanye neculo elalingaculwa esifundweni somuntu siqu nasekukhulekeleni komndeni.

Emihlanganweni yabo, abaFundi BeBhayibheli babenikeza ubufakazi obuhlanganisa izinto ezazenzeke enkonzweni yasensimini, amazwi okubonga uJehova, iculo, ngisho nomthandazo imbala. U-Eva Barney, owabhapathizwa ngo-1923 eneminyaka engu-15, uyakhumbula: "Uma ufuna ukunikeza ubufakazi, wawusukuma usho into enjengokuthi, 'Ngifisa ukubonga iNkosi ngazo zonke izinto ezinhle engenzele zona.' " Abanye abazalwane babethanda ukunikeza ubufakazi. UDade Barney uyaqhubeka: "Umzalwane othandekayo osekhulile, uGodwin, wayenezinto eziningi kakhulu ayezibonga eNkosini. Kodwa lapho umkakhe ebona ukuthi umzalwane oqhubayo useqala ukuphelelwa isineke, wayedonsa ibhantshi lomyeni wakhe kancane ngemuva, bese umyeni wakhe ehlala phansi."

Kanye ngenyanga, ibandla laliba noMhlangano okhethekile Womthandazo, Wokudumisa Nowokunikeza Ubufakazi. Ichaza lo mhlangano, *INqabayokulinda* ka-Ephreli 1, 1923, yathi: "Ingxenye yalo mhlangano kufanele isetshenziselwe ukunikeza ubufakazi obuhlobene nomsebenzi wokushumayela nokukhuthaza abenza lo msebenzi. . . . Sikholelwa ukuthi le mihlangano ekhuthazayo izobenza basondelane abazalwane."

UCharles Martin, owayengummemezeli oneminyaka engu-19 eVancouver, eCanada, wazuza kakhulu kule mihlangano. Kamuva wathi: "Ngafunda lapho ukuthi kufanele ngithini lapho ngishumayela endlini ngendlu. Izikhathi eziningana othile wayexoxa ngalokho okwakwenzeke ngesikhathi eshumayela endlini ngendlu. Lokho kwakunginikeza amacebiso alokho engingakusho nendlela engingaphendula ngayo abantu abaphikisa ngezindlela ezihlukahlukene."

## UBUNYE EMSEBENZINI WOKUSHUMAYELA

"Izinsuku zenkonzo yasensimini" nazo zaba nesandla ekwenzeni inhlangano ibe nobunye. *INqabayokulinda* ka-Ephreli 1, 1923, yathi: "Ukuze sonke sibe nobunye . . . , uLwesibili, lwangoMeyi 1,









A. Ikhalenda elinemiBhalo nezinombolo zamaculo

B. I-*Bulletin* kaMeyi 1, 1923

C. Umhlangano wabaFundi BeBhayibheli wango-1923, eLos Angeles

1923, luzoba usuku lwenkonzo yasensimini. Ngemva kwalokho, uLwesibili lokuqala njalo enyangeni luzoba usuku lwenkonzo yasensimini. . . . Wonke umuntu, kuwo wonke amabandla kufanele abe nengxenye kulo msebenzi."

Ngisho nabaFundi BeBhayibheli abasebasha bawenza lo msebenzi. UHazel Burford, owayeneminyaka engu-16 nje kuphela ngaleso sikhathi, uyakhumbula: "I-*Bulletin* yayinezingxoxo eziyisibonelo esingazibamba ngekhanda.* Mina nomkhulu sahlanganyela ngentshiseko kulo msebenzi wokushumayela." Nokho, uDade Burford wamangala lapho umuntu ayengamlindele emelana nokuthi wayeshumayela. Wathi: "Omunye umzalwane osekhulile wayengafuni neze ngikhulume nabantu. Ngaleso sikhathi, abanye babengaqondi ukuthi bonke abaFundi BeBhayibheli, kuhlanganise 'nezinsizwa nezintombi,' kufanele babe nengxenye ekudumiseni uMdali Omkhulu." (IHu. 148:12, 13) Kodwa uDade Burford akayekanga ukushumayela. Kamuva waba sekilasini lesibili leSikole SaseGileyadi, waba isithunywa sevangeli ePanama. Ngokuhamba kwesikhathi, labo bazalwane bawulungisa umbono wabo ngokushumayela kwabantu abasebasha.

## UBUNYE EMIHLANGANWENI EMIKHULU

Imihlangano yesigodi neyesifunda nayo yenza abafowethu baba nobunye kakhudlwana. Eminingi yale mihlangano yayiba nezinsuku zenkonzo yasensimini. Ngokwesibonelo, emhlanganweni owawuseWinnipeg, eCanada, bonke ababekhona bacelwa ukuba bashumayele kulelo dolobha ngoMashi 31. Izinsuku zenkonzo yasensimini ezinjengalezo zabeka isisekelo sokwanda kwalo msebenzi esikhathini esizayo. Ngo-Agasti 5, abantu abangaba ngu-7 000 bathamela omunye umhlangano omkhulu eWinnipeg. Ngaleso sikhathi eCanada kwakuqala ngqa ukuba kube nabantu abaningi kangaka emhlanganweni.

Umhlangano ongasoze walibaleka wabantu bakaJehova ngo-1923 wawungo-Agasti 18-26, eLos Angeles, eCalifornia. Emasontweni andulela lowo mhlangano, amaphephandaba ayenezikhangiso zawo. AbaFundi BeBhayibheli bona bahambisa izimemo ezingaphezu kuka-500 000. Izimoto

*Manje eyaziwa ngokuthi *INcwajana YoMhlangano Wokuphila KobuKristu Nenkonzo Yethu.*

ezithutha umphakathi nezimoto zabantu zazinezikhangiso zalowo mhlangano.

NgoMgqibelo, ngo-Agasti 25, uMfoweth'uRutherford wanikeza inkulumo ethi "Izimvu Nezimbuzi." Kuleyo nkulumo wacacisa ukuthi "izimvu" yilabo ababenesimo esihle sengqondo esiyobenza bathole ukuphila okuphakade epharadesi emhlabeni. Wafunda nezwi lesinqumo elithi "Isixwayiso." Leli zwi lesinqumo lalahla eLobukholwa lanxusa abanhliziyo ziqotho ukuba bazihlukanise 'neBhabhiloni Elikhulu.' (IsAm. 18:2, 4) Kamuva abaFundi BeBhayibheli abashisekayo emhlabeni wonke basakaza izigidi zamapheshana analeli zwi lesinqumo.

> "Le mihlangano ekhuthazayo izobenza basondelane abazalwane"

Ngosuku lokugcina lomhlangano, izithameli ezingaphezu kuka-30 000 zalalela uMfoweth'uRutherford enikeza inkulumo yomphakathi ethi "Zonke Izizwe Manje Ziya E-Amargedoni, Kodwa Izigidi Eziphilayo Manje Azisoze Zafa." Belindele abantu abaningi kakhulu, abaFundi BeBhayibheli baqasha inkundla yezemidlalo eyayisanda kwakhiwa, iLos Angeles Coliseum. Ukuze baqiniseke ukuthi wonke umuntu uyezwa, abazalwane basebenzisa izipikha zaleyo nkundla yezemidlalo, okwakuyinto entsha kwezobuchwepheshe ngaleso sikhathi. Abanye abantu abaningi balalela isimiso somhlangano emsakazweni.

### UKWANDA EMHLABENI WONKE

Ngonyaka ka-1923, kwaba nokwanda okuphawulekayo emsebenzini wokushumayela e-Afrika, eYurophu, eNdiya naseNingizimu Melika. ENdiya, u-A. J. Joseph wasiza ekukhiqizeni izincwadi ngesiHindi, isiTamil, isiTelugu nesi-Urdu, kuyilapho enakelela umkakhe nezingane eziyisithupha.

ESierra Leone, u-Alfred Joseph noLeonard Blackman, abangabaFundi BeBhayibheli, babhalela endlunkulu yomhlaba wonke eBrooklyn, eNew York, becela usizo. Ngo-Ephreli 14, 1923, isicelo sabo saphendulwa. U-Alfred wathi: "Ngolunye usuku ngoMgqibelo ebusuku, ngathola ucingo engangingalulindele." Wezwa umuntu onebhesi ethi, "Nguwe yini obhalele iWatch Tower Society ucela abantu abazoshumayela?" U-Alfred waphendula wathi, "Yebo yimina." UWilliam R. Brown wathi: "Bathumele mina." Wayefike ngalolo suku evela eCaribbean ehamba nomkakhe u-Antonia, namadodakazi abo asemancane uLouise noLucy. Abazalwane kwakungeke kudingeke balinde isikhathi eside ngaphambi kokuba bahlangane noMfoweth'uBrown nomndeni wakhe.

U-Alfred uyaqhubeka, uthi: "Ngakusasa ekuseni, mina noLeonard sasiqhuba isifundo seBhayibheli samasonto onke lapho kuqhamuka umdondoshiya wendoda emnyango.





D. UWilliam R. Brown nomndeni wakhe

E. UGeorge Young noSarah Ferguson (kwesokudla) nodadewabo



IBethel YaseMagdeburg ngawo-1920

KwakunguMfoweth'uBrown. Wayeshisekela iqiniso kangangokuba wayefuna ukunikeza inkulumo yeningi ngakusasa lokhu okusayo." Kungakapheli ngisho nenyanga, uMfoweth'uBrown wayesezihambise zonke izincwadi ayefike nazo. Ngokushesha ngemva kwalokho wathola ezinye izincwadi ezingaphezu kuka-5 000 futhi kungakabiphi kwase kudingeka ezinye izincwadi ezengeziwe. Kodwa uMfoweth'uBrown wayengaziwa ngokuthi ungumdayisi wezincwadi. Phakathi nenkonzo yakhe ende eyisikhonzi sikaJehova esishisekayo, wayeyicaphuna njalo imiBhalo ezinkulumweni zakhe, waze wabizwa ngokuthi uBible Brown.

Phakathi naleso sikhathi, ihhovisi legatsha laseBarmen, eJalimane, lalinabantu abaningi kakhulu futhi lelo dolobha lalingase lihlaselwe yizwe elingumakhelwane, iFrance. AbaFundi BeBhayibheli bathola isakhiwo esikahle kakhulu ababengenzela kuso umsebenzi wokunyathelisa izincwadi eMagdeburg. NgoJuni 19, abafowethu baqedela ukupakisha imishini yokunyathelisa izincwadi nenye impahla, base bethuthela eBethel entsha eMagdeburg. Ngalo kanye usuku abazisa ngalo indlunkulu ukuthi umsebenzi wokuthutha wawusuphothuliwe, amaphephandaba amemezela ukuthi iFrance yayisilithathile idolobha laseBarmen. Abazalwane babheka loko kuthutha njengobufakazi bokuthi uJehova wayebabusisa futhi ebavikela.


EBrazil, uGeorge Young, owahamba amabanga amade eshumayela izindaba ezinhle, wamisa igatsha elisha futhi kwaqalwa ukunyatheliswa kwe-*Nqabayokulinda* ngesiPutukezi. Phakathi nezinyanga ezimbalwa nje, wahambisa izincwadi ezingaphezu kuka-7 000. Ukufika kwakhe eBrazil kwanikeza noSarah Ferguson ithuba elijabulisayo. Wayeqale ukufunda *INqabayokulinda* kusukela ngo-1899, kodwa wayengakaze athole ithuba lokubonisa ukuzinikezela kwakhe ngokubhapathizwa ngamanzi. Ezinyangeni ezimbalwa ezalandela, uDade Ferguson nezingane zakhe ezine ekugcineni bakwazi ukuthatha lesi sinyathelo esibalulekile, babhapathizwa.

## "UKUKHONZA UNKULUNKULU NGENTSHISEKO NANGENJABULO"

Njengoba unyaka ka-1923 wawusuzophela, *INqabayokulinda* kaDisemba 15, 1923, yakhuluma ngemiphumela yokukhonza uNkulunkulu ngobunye kwabaFundi BeBhayibheli. Yathi: "Kulula ukubona ukuthi amabandla . . . anobuhlobo obuhle noNkulunkulu . . . Masizigqoke kahle izembatho zethu zempi, siqhubeke sikhonza uNkulunkulu ngentshiseko nangenjabulo kulo nyaka esiya kuwo."

Unyaka olandelayo wawuzoba ingqophamlando kubaFundi BeBhayibheli. Abafowethu eBethel base bechithe izinyanga bakha endaweni ethile eStaten Island, okuyibanga elifushane uma usuka endlunkulu eBrooklyn. Izakhiwo ababezakha kuleyo ndawo entsha zaqedwa ngo-1924, zasiza nasekwenzeni abazalwane babe nobunye nasekusakazeni izindaba ezinhle ngezindlela ezazingakaze zicatshangwe ngaphambili.

Ababenza umsebenzi wakwakha eStaten Island



ISIHLOKO ESIFUNDWAYO 42

# “Uyashesha” Yini “Ukulalela”?

**INGOMA 101**

Ukusebenza Ndawonye Ngobunye

**AMAZWIBELA**

Ngenxa yokuthi sinesono, ngezinye izikhathi sonke sikuthola kunzima ukulalela, ngisho noma lowo osinika isiqondiso esuke enegunya lokusinika sona. Lesi sihloko sizokhuluma ngezinzuzo ezitholwa yilabo abalalela abazali, ‘amagunya aphakeme’ nabazalwane abaholayo ebandleni lobuKristu.

*“Ukuhlakanipha kwaphezulu . . . kuyashesha ukulalela.”*
—JAK. 3:17.

KUYENZEKA yini ukuthole kunzima ukulalela? INkosi uDavide yakuthola kunzima, ngakho yathandaza kuNkulunkulu: “Ngenze ngibe nesifiso sokufuna ukukulalela.” (IHu. 51:12) UDavide wayemthanda uJehova. Noma kunjalo, ngezinye izikhathi wayekuthola kunzima ukulalela, kunjalo nangathi. Kungani? Okokuqala, ngezinye izikhathi asilaleli ngoba sikuzuze njengefa ukungalaleli. Okwesibili, uSathane uhlale ezama ukusenza singamlaleli uJehova, njengoba nje naye engamlalelanga. (2 Kor. 11:3) Okwesithathu, sizungezwe izwe elinomoya wokuvukela, “umoya manje osebenza kubantu abangalaleli.” (Efe. 2:2) Kumele sisebenze kanzima ukuze simelane nengcindezi uDeveli naleli zwe abayibeka phezu kwethu ukuze singalaleli, singagcini nje ngokulwa nesono esibangela ukuba singalaleli. Kumele senze umzamo wokulalela uJehova nalabo abanike igunya.

2 **Funda uJakobe 3:17.** Umbhali ophefumulelwe, uJakobe, wathi abantu abahlakaniphile ‘bayashesha ukulalela.’ Cabanga ngokuthi kusho ukuthini lokho. Kufanele sikulungele futhi sizimisele ukulalela labo uJehova abaphathise igunya elithile. Yiqiniso, uJehova akalindele ukuba silalele umuntu othi asingayilaleli imiyalo yaKhe.—IzE. 4:18-20.

---

1. Kungani kungaba nzima ukuba silalele?
2. Kusho ukuthini ‘ukushesha ukulalela’? (Jakobe 3:17)

³ Singase sikuthole kulula ukulalela uJehova kunokulalela umuntu. Lokho akusimangazi ngoba uJehova uhlale esinikeza iziqondiso ezingenaphutha. (IHu. 19:7) Lokhu akuvamile ngabantu abanegunya. Noma kunjalo, uBaba wethu osezulwini unikeze abazali, izikhulu zikahulumeni nabadala isilinganiso esithile segunya. (IzAga 6:20; 1 Thes. 5:12; 1 Pet. 2:13, 14) Lapho sibalalela, empeleni sisuke silalela uJehova. Ake sixoxe ngokuthi singabalalela kanjani abantu uJehova abanike igunya, nakuba ngezinye izikhathi singase sikuthole kunzima ukwamukela nokulalela iziqondiso zabo.

## LALELA ABAZALI BAKHO

⁴ Abasebasha bazungezwe ontanga abanomkhuba 'wokungabalaleli abazali.' (2 Thim. 3:1, 2) Kungani iningi labo lingalaleli? Abanye banomuzwa wokuthi abazali babo bangabazenzisi. Balindele ukuba izingane zenze izinto bona abahlulekayo ukuzenza. Abanye babheka iseluleko sabazali njengesiyisidala, esingasebenzi noma esiqine kakhulu. Uma usemusha, kuke kwenzeke yini uzizwe kanjalo? Abaningi bakuthola kunzima ukulalela umyalo kaJehova othi: "Lalelani abazali benu abanobunye neNkosi, ngoba lokhu kulungile." (Efe. 6:1) Yini engakusiza ubalalele?

⁵ Ungafunda ukulalela esibonelweni esizedlula zonke—uJesu. (1 Pet. 2:21-24) Wayengenasono kodwa enabazali abanesono. Noma kunjalo uJesu wabahlonipha abazali bakhe, ngisho nalapho benza amaphutha futhi bengamqondi ngezinye izikhathi. (Eks. 20:12) Cabanga ngalokho okwenzeka ngesikhathi eneminyaka engu-12. **(Funda uLuka 2:46-52.)** Abazali bakhe bamshiya eJerusalema. Kwakuwumthwalo kaJosefa noMariya ukuqinisekisa ukuthi zonke izingane zabo zikhona eqenjini elalibuyela ekhaya ngemva komkhosi. Lapho uJosefa noMariya bemthola uJesu ekugcineni, uMariya wamsola ngenkinga ayebabangele yona! UJesu wayengaveza ukuthi lokho ababekusho kwakungenabulungisa kangakanani. Kunalokho, waphendula abazali bakhe ngendlela elula nenenhlonipho. Nokho, uJosefa noMariya "abazange bakuqonde lokho ayekusho kubo." Noma kunjalo, uJesu "waqhubeka ezithoba kubo."

⁶ Basha, kuke kwenzeke yini nikuthole kunzima ukulalela abazali benu lapho benza amaphutha noma benganiqondi? Yini engasiza? Okokuqala, cabanga ngendlela uJehova azizwa ngayo. IBhayibheli lithi lapho ulalela abazali bakho, "lokhu kuyajabulisa kakhulu eNkosini." (Kol. 3:20) UJehova uyabona lapho abazali bakho bengakuqondi ngokuphelele noma bebeka imithetho okungelula ukuyilalela. Kodwa lapho ubalalela yize kunjalo, umenza ajabule.

⁷ Okwesibili, cabanga ngendlela abazali bakho abazizwa ngayo. Lapho ubalalela, ubenza bajabule futhi ubenza bakwethembe. (IzAga 23:22-25) Cishe uyosondelana nabo nakakhulu. U-Alexandre umzalwane waseBelgium uthi: "Lapho ngiqala ukuzilalela ngokwengeziwe izicelo zabazali bami, ubuhlobo bethu bashintsha. Sasondelana futhi sajabula nakakhulu."* Okwesithathu, cabanga

---

3. Kungani kubalulekile kuJehova ukuba silalele abanegunya phezu kwethu?

4. Kungani izingane eziningi zingabalaleli abazali bazo?

5. Kungani kuphawuleka ukuthi uJesu wabalalela abazali bakhe njengoba kuboniswe kuLuka 2:46-52?

---

* Ukuze uthole amacebiso endlela ongakhuluma ngayo nabazali bakho ngemithetho okuthola kunzima ukuyilalela, bheka isihloko esithi "Kungani Kunemithetho Eminingi Kangaka?" ku-jw.org/zu.

6-7. Yini engasiza abasebasha balalele abazali babo?

ngokuthi ukulalela kwakho manje kuzokusiza kanjani esikhathini esizayo. UPaulo ohlala eBrazil, uthi: "Ukufunda ukulalela abazali bami kungisize ngalalela uJehova nabanye abanamagunya." IZwi likaNkulunkulu likutshela isizathu esibalulekile sokulalela abazali bakho. Lithi: "Ukuze kukuhambele kahle futhi uhlale isikhathi eside emhlabeni."—Efe. 6:2, 3.

8 Abaningi abasebasha babonile ukuthi izinto zibahambela kahle kangakanani uma belalela. ULuiza, naye ongowaseBrazil, waqale wakuthola kunzima ukuqonda ukuthi kungani ayengavunyelwe ukuba nefoni okwesikhathi esithile. Wayengaqondi ngoba ontanga yakhe abaningi babenawo amafoni. Kodwa wabe esebona ukuthi empeleni abazali bakhe babemvikela. Uyazi ukuthi lapho elalela abazali bakhe, akufanele ezwe sengathi bayamcindezela ngenxa yokuthi uyasidinga ngempela iseluleko sabo. U-Elizabeth, udade osemusha wase-United States, ngezinye izikhathi usakuthola kunzima ukulalela abazali bakhe. Uyachaza, "Lapho ngingaqondi ngokugcwele ukuthi kungani abazali bami bebeke umthetho othile, ngizama ukukhumbula izikhathi lapho imithetho ababeyibekile yangivikela khona." UMonica, ohlala e-Armenia, uthi izinto zihlale zimhambela kahle uma elalela abazali bakhe kunalapho engabalaleli khona.

## LALELA 'AMAGUNYA APHAKEME'

9 Abantu abaningi bayavuma ukuthi siyabadinga ohulumeni nokuthi kufanele okungenani siyilalele eminye imithetho ebekwa yila 'magunya aphakeme.' (Roma 13:1) Kodwa bona kanye labo bantu bangase banqikaze ukulalela umthetho obonakala ungenabulungisa noma weqisa. Ngokwesibonelo, cabanga ngendaba yokukhokha intela. Kwelinye izwe eYurophu, inhlolo-vo yaveza ukuthi abantu abaningi bakholelwa ukuthi "kulungile ukungayikhokhi intela uma ucabanga ukuthi ukuyikhokha akunabulungisa." Akumangazi ukuthi izakhamuzi zakulelo zwe zikhokha intela engamaphesenti engaba ngu-65 kuleyo efunwa uhulumeni.

8. Kungani abasebasha abaningi bekhetha ukulalela abazali babo?

9. Abaningi bazizwa kanjani ngokulalela umthetho?



Sifundani ngokulalela esibonelweni sikaJosefa noMariya?
(Bheka izigaba 10-12)

10 IBhayibheli liyavuma ukuthi ohulumeni babangela ukuhlupheka, balawulwa uSathane nokuthi maduze bazobhujiswa. (IHu. 110:5, 6; UmSh. 8:9; Luka 4:5, 6) Lisitshela nokuthi "noma ubani ophikisa igunya umelene nohlelo lukaNkulunkulu." Ukulalela kwethu amagunya aphakeme kuyingxenye yelungiselelo likaJehova lesikhashana lokuba kube nokuhleleka. Ngakho, kumele 'sinike bonke lokho okubafanele,' okuhlanganisa intela, inhlonipho nokulalela. (Roma 13:1-7) Singase sibe nombono wokuthi umthetho othile

10. Kungani silalela ngisho nemithetho esingayithandi?




uyasiphazamisa, awunabulungisa noma ukuthi ukuwulalela kuzosifaka ezindlekweni. Kodwa silalela uJehova, futhi yena uthi asiwalalele la magunya aphakeme, uma nje engasiceli ukuba sephule imithetho yakhe.—IzE. 5:29.

11 Singafunda esibonelweni sikaJosefa noMariya, abashesha ukulalela amagunya aphakeme ngisho noma kwakunzima ukwenza kanjalo. **(Funda uLuka 2:1-6.)** Lapho uMariya esezohlanganisa izinyanga ezingu-9 ekhulelwe, ukulalela kwabo kwavivinywa. U-Awugustu, owayenguMbusi eMbusweni WamaRoma, wayala ukuba kubalwe abantu. UJosefa noMariya kwadingeka baye eBhetlehema, uhambo olwalungaba amakhilomitha angu-150 endaweni enamagquma. Lolo hambo lwalungeke lube lula, ikakhulukazi kuMariya. Kungenzeka uJosefa noMariya babekhathazeke ngokuphepha kwakhe nokomntwana wabo ongakazalwa. Babezokwenzenjani uma eqalwa imihelo besesendleleni? Phela wayekhulelwe uMesiya othenjisiwe. Ingabe lokho kwakuzobenza bangawulaleli uhulumeni?

12 UJosefa noMariya abazivumelanga lezo zinto ezazibakhathaza ukuba zibenze bangawulaleli umthetho. UJehova wababusisa ngenxa yokulalela kwabo. UMariya wafika ngokuphepha eBhetlehema, wazala ingane ephile saka, wasiza nasekugcwaliseni isiprofetho seBhayibheli!—Mika 5:2.

13 Lapho silalela amagunya aphakeme, kuzuza thina, kuzuze nabanye. Kanjani? Enye indlela esizuza ngayo ukuthi asisitholi isijeziso esitholwa yilabo abangawulaleli umthetho. (Roma 13:4) Ukulalela kwakho kungathinta indlela iziphathimandla ezibheka ngayo oFakazi BakaJehova bebonke. Ngokwesibonelo, eminyakeni eminingi edlule eNigeria, kwangena amasosha eHholo LoMbuso phakathi nomhlangano webandla, efuna

11-12. ULuka 2:1-6 uthi yini uJosefa noMariya abayenza ukuze balalele umthetho owawunzima, futhi kwaba namiphi imiphumela? (Bheka nezithombe.)

13. Ukulalela kwethu kungabathinta kanjani abafowethu?

ababebhikishela ukukhokha intela. Kodwa umphathi wawo wawatshela ukuba ahambe, wathi: "OFakazi BakaJehova abakubhikisheli ukukhokha intela." Njalo lapho ulalela umthetho kungenzeka uvikele idumela labantu bakaJehova—idumela ngelinye ilanga elingavikela okholwa nabo.—Math. 5:16.

14 Noma kunjalo, ngezinye izikhathi singase singathandi ukulalela amagunya aphakeme. UJoanna, udade wase-United States uyavuma: "Kwakunzima kakhulu ukuba ngilalele ngoba iziphathimandla zazibaphathe ngokungenabulungisa abanye emndenini wakithi." Kodwa uJoanna wenza isinqumo sokuthi uzoyishintsha indlela acabanga ngayo. Okokuqala, wayeka ukufunda izinto ezinkundleni zokuxhumana ezazimenza angazithandi iziphathimandla. (IzAga 20:3) Okwesibili, wathandaza kuJehova wamcela ukuba amsize athembele kuye kunokuba athembele ekutheni kushintshe uhulumeni ophethe. (IHu. 9:9, 10) Okwesithathu, wafunda ngokungathathi hlangothi ezincwadini zethu. (Joh. 17:16) Manje, uJoanna uthi ukuhlonipha nokulalela iziphathimandla kwamenza waba "nokuthula okungachazeki."

## LALELA ISIQONDISO SENHLANGANO KAJEHOVA

15 UJehova usicela ukuba 'silalele abaholayo' ebandleni. (Heb. 13:17) Nakuba uMholi wethu uJesu engenasono, labo abasebenzisayo ukuze bahole lapha emhlabeni, bona banesono. Singase sikuthole kunzima ukubalalela ikakhulukazi uma besicela ukuba senze into esingafuni ukuyenza. Umphostoli uPetru naye wake wanqikaza ukulalela. Lapho ingelosi imtshela ukuba adle izilwane ezingahlanzekile ngaphansi koMthetho KaMose, wenqaba—hhayi kanye, kodwa kathathu! (IzE. 10:9-16) Kungani anqaba? Lesi siqondiso esisha sasizwakala singenangqondo kuye. Wayejwayele ukwenza izinto ngendlela ehlukile. Uma uPetru akuthola kunzima ukulalela isiqondiso sengelosi engenasono, kungase kube nzima kangakanani-ke ukulalela isiqondiso sabantu abanesono!

16 Umphostoli uPawulu 'washesha ukulalela' ngisho nalapho ethola isiqondiso ayengase abe nomuzwa wokuthi asidingeki. AmaKristu angamaJuda ayezwe amahemuhemu ngoPawulu—amahemuhemu ayethi wayeshumayela "ukuhlubuka kuMose" futhi engawuhloniphi uMthetho KaMose. (IzE. 21:21) Amadoda amadala angamaKristu eJerusalema ayala uPawulu ukuba athathe amadoda amane, aye nawo ethempelini azihlanze ngokwesiko ukuze abonise ukuthi uyawugcina uMthetho. Kodwa wayazi ukuthi amaKristu awasekho ngaphansi koMthetho. Ngaphezu kwalokho, wayengenzanga lutho olubi. Noma kunjalo, walalela ngokushesha. "Wathatha la madoda ngosuku olulandelayo wazihlanza kanye nawo ngokwesiko." **(Funda izEnzo 21:23, 24, 26.)** Ukulalela kwakhe kwenza kwaba nokuthula.—Roma 14:19, 21.

17 Udade okuthiwa uStephanie wakuthola kunzima ukwamukela isinqumo esenziwa abazalwane abaholayo ezweni lakubo. Yena nomyeni wakhe babejabule, bekhonza eqenjini elikhuluma ulimi lwakwelinye izwe. Ihhovisi legatsha laliqeda lelo qembu, yena nomyeni wakhe babelwa ukuba babuyele ebandleni lolimi lwabo. UStephanie uyavuma: "Ngangi-

14. Yini eyasiza omunye udade 'washesha ukulalela' amagunya aphakeme?

15. Kungani singase sikuthole kunzima ukulalela iziqondiso zenhlangano kaJehova?

16. Nakuba uPawulu ayengabheka isiqondiso asithola njengesingadingekile, yini ayenza? (IzEnzo 21:23, 24, 26)

17. Ufundani kokwenzeka kuStephanie?

ngajabule neze. Mina ngangingacabangi ukuthi kunesidingo esikhulu ensimini yolimi lwethu.” Noma kunjalo, wanquma ukusilalela lesi siqondiso esisha. Uthi: “Ngokuhamba kwesikhathi ngabona ukuthi lesi sinqumo sasihlakaniphile. Manje sesingabazali babantu abaningana ebandleni abangenawo umndeni eqinisweni. Ngifundela udade obepholile futhi manje senginesikhathi esengeziwe sesifundo somuntu siqu.” Uyenezela: “Nginonembeza ohlanzekile ngoba ngenze konke okusemandleni ukuze ngilalele.”

18 ***Singakufunda*** ukulalela. UJesu “wafunda ukulalela ezintweni ahlupheka ngazo,” hhayi ngoba izimo zazimvumela ngaso sonke isikhathi. (Heb. 5:8) NjengoJesu, nathi sivame ukufunda ukulalela ngaphansi kwezimo ezinzima. Ngokwesibonelo, ngasekuqaleni kobhubhane lwe-COVID-19, lapho sicelwa ukuba singahlangani emaHholo OMbuso nokuba singashumayeli endlini ngendlu, ingabe wakuthola kunzima ukulalela? Kodwa ukulalela kwakho kwakuvikela, kwenza ibandla laba nobunye, kwajabulisa noJehova. Manje, sonke sikulungele ukulalela noma yiziphi iziqondiso esiyozithola phakathi nosizi olukhulu. Ukusinda kwethu kungase kuxhomeke ekutheni siyalalela yini!—Jobe 36:11.

18. Sizuza kanjani uma silalela?

19 Sifundile ukuthi ukulalela kuletha izibusiso eziningi. Kodwa ngokuyinhloko, silalela uJehova ngoba simthanda futhi ngoba sifuna ukumjabulisa. (1 Joh. 5:3) Asisoze sakwazi ukumbuyisela uJehova ngakho konke asenzele kona. (IHu. 116:12) Kodwa ***singakwazi*** ukumlalela yena nalabo abanegunya phezu kwethu. Uma silalela, sibonisa ukuthi sihlakaniphile futhi abantu abahlakaniphile bayamjabulisa uJehova.—IzAga 27:11.

19. Kungani ufuna ukulalela?

**INCAZELO YESITHOMBE Amakhasi 8-9:** UJosefa noMariya balalela umyalo kaKhesari wokuba bayobhalisa eBhetlehema. Namuhla amaKristu alalela imithetho yomgwaqo, eyentela neyezempilo evela “emagunyeni aphakeme.”

## YINI EZOSENZA SILALELE . . .

- abazali bethu lapho sisebasha?
- ‘amagunya aphakeme’?
- iziqondiso zenhlangano kaJehova?

**INGOMA 89**

Lalela, Ubusiswe

ISIHLOKO ESIFUNDWAYO 43

# UJehova 'Uzokwenza' Kanjani 'Ube Namandla'?

**INGOMA 38**

Uyonenza Nibe Namandla

**AMAZWIBELA**

Lesi sihloko sizosiza labo okungenzeka bazizwe bekhungathekile ngenxa yovivinyo noma ngenxa yesabelo abanomuzwa wokuthi singaphezu kwamandla abo. Sizofunda ngendlela uJehova angasiqinisa ngayo nokuthi yini okufanele siyenze ukuze sithole lolo sizo.

"[*UJehova*] *uyonenza niqine, uyonenza nibe namandla, uyonisekela.*"—1 PET. 5:10.

IZWI LIKANKULUNKULU livame ukuchaza abantu abathembekile ngokuthi banamandla. Kodwa ngisho nababenamandla kunabo bonke kubo ***babengazizwa*** benamandla ngaso sonke isikhathi. Ngokwesibonelo, ngezinye izikhathi iNkosi uDavide yayizizwa 'iqine njengentaba,' kodwa ngezinye izikhathi 'yayesaba.' (IHu. 30:7) Nakuba uSamsoni ayenamandla angaphezu kwavamile lapho enomoya kaNkulunkulu, waqaphela ukuthi ngaphandle kwamandla avela kuNkulunkulu wayeyoba 'buthaka afane nabo bonke abantu.' (AbaHl. 14:5, 6; 16:17) La madoda athembekile ayenamandla kuphela ngenxa yokuthi uJehova wayewanike amandla.

2 Umphostoli uPawulu naye wavuma ukuthi wayewadinga amandla avela kuJehova. **(Funda eyesi-2 Korinte 12:9, 10.)** Njengabaningi kithi, uPawulu wayenezinkinga zempilo. (Gal. 4:13, 14) Ngezinye izikhathi wayekuthola kunzima ukwenza okulungile. (Roma 7:18, 19) Wayebuye akhathazeke futhi engaqiniseki ngokuthi kuzokwenzekani kuye. (2 Kor. 1:8, 9) Nokho, lapho ebuthaka wayeba namandla. Wayewathola kanjani? UJehova wayenika uPawulu amandla ayewadinga. Wayemqinisa.

3 Nathi uJehova uthembisa ukuthi uzosenza siqine. (1 Pet.

---

1. Izinceku zikaNkulunkulu zasendulo zaziwathola kanjani amandla?

2. Kungani uPawulu athi ubuthaka kodwa ngesikhathi esifanayo unamandla? (2 Korinte 12:9, 10)

3. Sizophendula miphi imibuzo kulesi sihloko?

5:10) Kodwa asinakulindela ukuthola lawo mandla singenzanga lutho. Ngokwesibonelo, injini inganikeza imoto amandla okuya phambili. Nokho, umshayeli kufanele anyathele i-*accelerator* ukuze ayiphe amandla ihambe. Ngendlela efanayo, uJehova ukulungele ukusinika amandla esiwadingayo, kodwa kumele sithathe izinyathelo ezithile ukuze siwathole. Yini uJehova asinikeze yona ukuze asiphe amandla? Yini okudingeka siyenze ukuze sithole lawo mandla? Sizothola izimpendulo zale mibuzo ngokuxoxa ngendlela uJehova aqinisa ngayo laba bantu abathathu abaseBhayibhelini—umprofethi uJona, uMariya unina kaJesu nomphostoli uPawulu. Sizobona nendlela uJehova aqhubeka eziqinisa ngayo ngendlela efanayo izinceku zakhe namuhla.

## THOLA AMANDLA NGOKUTHANDAZA NOKUTADISHA

4 Enye indlela esingathola ngayo amandla kuJehova ukuthandaza. Angaphendula imithandazo yethu ngokusinika "amandla angaphezu kwavamile." (2 Kor. 4:7) Singawathola nangokufunda iZwi lakhe nokuzindla ngalo. (IHu. 86:11) Umyalezo kaJehova oseBhayibhelini 'unamandla.' (Heb. 4:12) Lapho uthandaza kuye ufunda neZwi lakhe uyothola amandla ukuze ukwazi ukukhuthazela, uhlale ujabule, noma ukwazi ukwenza isabelo esinzima. Phawula indlela uJehova aqinisa ngayo umprofethi uJona.

5 Umprofethi uJona wayedinga amandla. Wayebalekele isabelo esinzima uJehova ayemnike sona. Ngenxa yalokho, wacishe wafa ngesikhathi kunesiphepho esinamandla wafaka nokuphila kwabantu ayenabo emkhunjini engozini. Ngesikhathi bemphonsa emanzini, wazithola esendaweni esabekayo ayengakaze abe kuyo ngaphambili—esiswini senhlanzi enkulu. Ucabanga ukuthi uJona wayezizwa kanjani? Ingabe wayecabanga ukuthi uzofela lapho? Kungenzeka wayezibuza ukuthi uJehova umlahlile yini? Kumele ukuba wayekhathazeke kakhulu uJona.

6 Yini uJona ayenza ukuze athole amandla ngesikhathi eyedwa kuleyo ndawo? Wathandaza. **(Funda uJona 2:1, 2, 7.)** Nakuba engamlalelanga uJehova, wayeqiniseka ngokuthi uzowulalela umthandazo wakhe obonisa ukuthi uyazithoba futhi uyaphenduka. Wazindla nangemiBhalo. Kungani sisho kanjalo? Umthandazo wakhe obhalwe kuJona isahluko 2, unamagama nezinkulumo ezifana nezitholakala kumaHubo. (Ngokwesibonelo, qhathanisa uJona 2:2, 5 neHubo 69:1; 86:7.) Kusobala ukuthi uJona wayeyazi kahle leyo mibhalo. Ngokucabanga ngayo ngesikhathi esenkingeni, waqiniseka ukuthi uJehova uzomsiza. Ngokuhamba kwesikhathi, uJona wakhishelwa emhlabathini owomile, esekulungele ukwamukela nokufeza isabelo esilandelayo.—Jona 2:10–3:4.

7 Isibonelo sikaJona singasisiza lapho sibhekene novivinyo oluhlukahlukene. Ngokwesibonelo, uZhiming,* umzalwane waseTaiwan, unezinkinga ezinkulu zempilo. Ngaphezu kwalokho, umndeni wakubo umphikisa ngendlela enesihluku ngenxa yokholo lwakhe kuJehova. Amandla uwathola kuJehova ngokuthandaza nokutadisha. Uyavuma, "Ngezinye izikhathi lapho kuphakama

4. Singawathola kanjani amandla kuJehova?

5. Kungani umprofethi uJona ayedinga amandla?

* Amanye amagama ashintshiwe.

6. UJona 2:1, 2, 7 uthi yini eyanika uJona amandla ngesikhathi esesiswini senhlanzi?

7-8. Omunye umzalwane eTaiwan uwathole kanjani amandla lapho ebhekene novivinyo?





**Njengomprofethi uJona, singawathola kanjani amandla lapho sivivinywa?**
(Bheka izigaba 6-9)

izinkinga, ngikhathazeka kakhulu ngize ngingakwazi nokwenza isifundo somuntu siqu." Kodwa akapheli amandla. Uthi: "Okokuqala, ngithandaza kuJehova. Ngemva kwalokho ngifaka ama-*earphone* ngilalele izingoma zoMbuso. Ngezinye izikhathi, ngiziculela phansi kuze kwehle ukukhathazeka. Ngemva kwalokho ngiyatadisha."

8 Isifundo somuntu siqu simqinise ngezindlela abengazilindele uZhiming. Ngokwesibonelo, ngesikhathi elulama ngemva kokuhlinzwa okukhulu, umhlengikazi wamtshela ukuthi ngenxa yokushoda kwamangqamuzana abomvu egazi, kuzodingeka afakelwe igazi. Ngobusuku bangaphambi kokuba ahlinzwe, uZhiming wafunda ngodade owayenenkinga efanayo yempilo. Amangqamuzana akhe abomvu egazi ayehle aba ngaphansi kwawaZhiming; kodwa akazange avume ukufakwa igazi, noma kunjalo walulama. Lokho kwamqinisa uZhiming ukuba aqhubeke ethembekile.

9 Lapho ubhekene novivinyo, kuke kwenzeke yini uzizwe ukhathazeke kakhulu uze ungakwazi nokuveza indlela ozizwa ngayo lapho uthandaza? Noma, ingabe uzizwa ungenawo amandla okutadisha? Khumbula ukuthi uJehova usiqonda ngokugcwele isimo sakho. Ngakho, ngisho noma wenza umthandazo olula, ungaqiniseka ngokuthi uzokunika okudingayo. (Efe. 3:20) Uma izinhlungu ozizwa emzimbeni noma ezingokomzwelo zenza kube nzima ukuba ufunde noma utadishe, ungase ulalele iBhayibheli elirekhodiwe noma izincwadi ezisekelwe eBhayibhelini. Kungase kukusize nokulalela enye yezingoma zethu noma ubukele ividiyo ku-jw.org/zu. UJehova uzokuqinisa uma uthandaza kuye futhi ubheka izimpendulo zemithandazo yakho eBhayibhelini nakwezinye izinto asinikeza zona.

## THOLA AMANDLA KUBAFOWENU NODADEWENU

10 UJehova angasiqinisa esebenzisa abafowethu nodadewethu abangamaKristu. Bangaba "umthombo wenduduzo enkulu" lapho

9. Uma uvivinyo lukuqeda amandla, yini ongayenza? (Bheka nezithombe.)

10. Basiqinisa kanjani abafowethu nodadewethu?

sivivinywa noma sishikiliswa isabelo esinzima. (Kol. 4:10, 11) Sibadinga ngokukhethekile abangani 'ngezikhathi zosizi.' (IzAga 17:17) Lapho sizizwa siphelelwa amandla, abafowethu nodadewethu bangasisiza ngokoqobo, ngokomzwelo, basikhuthaze nokuba siqhubeke sikhonza uJehova. Cabanga indlela uMariya, unina kaJesu, athola ngayo amandla kwabanye.

11 UMariya wayedinga amandla. Cabanga indlela okumele ukuba wayekhungatheke ngayo ngemva kokuthola isabelo esinzima engelosini uGabriyeli. Wayezokhulelwa nakuba engashadile. Wayengakaze akhulise izingane, kodwa kwakuzodingeka akhulise ingane yomfana eyayizoba uMesiya. Njengoba ayengakaze aye ocansini, uMariya wayezomchazela kanjani konke lokhu uJosefa ayethembisene naye umshado?—Luka 1:26-33.

12 UMariya wawathola kanjani amandla ayewadinga ukuze afeze lesi sabelo esingavamile nesinzima? Wacela usizo kwabanye. Ngokwesibonelo, wacela uGabriyeli ukuba amtshele okwengeziwe ngalesi sabelo. (Luka 1:34) Ngemva nje kwalokho, waya "ezweni elinezintaba" lakwaJuda eyovakashela isihlobo sakhe u-Elizabethe. Lwamsiza lolo hambo. U-Elizabethe wamncoma uMariya futhi uJehova wamnika umoya ongcwele owamenza washo isiprofetho esikhuthazayo esiphathelene nendodana kaMariya eyayingakazalwa. **(Funda uLuka 1:39-45.)** UMariya wathi uJehova 'wayenze izenzo zamandla ngengalo yakhe.' (Luka 1:46-51) UJehova wasebenzisa uGabriyeli no-Elizabethe ukuze baqinise uMariya.

11. Kungani uMariya ayedinga amandla?

12. NgokukaLuka 1:39-45, uMariya wawathola kanjani amandla ayewadinga?

13 NjengoMariya, nawe ungathola amandla kubafowenu nakodadewenu. UDasuri, udade waseBolivia, wayewadinga amandla anjalo. Lapho ubaba kaDasuri ethola ukuthi unesifo esibulalayo futhi engeniswa esibhedlela, uDasuri wanquma ukumnakekela. (1 Thim. 5:4) Kwakungelula ngaso sonke isikhathi. Uyavuma, "Izikhathi eziningi ngangizizwa ngiphelelwa amandla." Walucela yini usizo? Ekuqaleni akazange alucele. Uthi, "Ngangingafuni ukuhlupha abazalwane. Ngangizitshela ukuthi ***'nguJehova*** ozonginika usizo engiludingayo.' Kodwa ngabe sengiqaphela ukuthi uma ngizihlukanisa nabanye, ngangizama ukuzixazulula ***ngedwa*** izinkinga zami." (IzAga 18:1) UDasuri wanquma ukubhalela abangani bakhe abambalwa abachazele ngesimo sakhe. Uthi, "Angikwazi nokuyichaza indlela amaKristu athandekayo angiqinisa ngayo. Ayeletha ukudla esibhedlela, angiduduze ngamavesi eBhayibheli. Kujabulisa ngempela ukwazi ukuthi asisodwa. Sinomndeni omkhulu kaJehova—umndeni ozimisele ukukusiza, ukukhala nawe nokukukhuthaza."

14 Enye indlela uJehova ayisebenzisayo ukuze asiphe amandla abadala. Bayizipho azisebenzisayo ukuze asiqinise futhi asenze siqabuleke. (Isaya 32:1, 2) Ngakho, uma ukhathazekile, batshele abadala izinto ezikukhathazayo. Lapho becela ukukusiza, lwamukele usizo lwabo. UJehova angakuqinisa esebenzisa bona.

## ITHEMBA ONALO NGEKUSASA LINGAKUNIKA AMANDLA

15 Ithemba lethu elisekelwe eBhayibhelini lingasinika amandla. (Roma 4:3, 18-

13. Kwamsiza kanjani udade waseBolivia ukucela usizo kubafowabo nakodadewabo?

14. Kungani kufanele silwamukele usizo lwabadala?

15. Yiliphi ithemba wonke amaKristu analo?


Ucabanga ukuthi kuyoba njani ukuphila kwakho ezweni elisha?
(Bheka isigaba 19)

20) NjengamaKristu, sinethemba eliyigugu lokuphila phakade—ukuphila phakade emhlabeni osuwenziwe ipharadesi noma eMbusweni wasezulwini. Ithemba lethu liyasiqinisa ukuze sikhuthazelele uvivinyo, sishumayele izindaba ezinhle, senze nezabelo ezihlukahlukene ebandleni. (1 Thes. 1:3) Lelo themba elifanayo lamqinisa nomphostoli uPawulu.

16 UPawulu wayedinga amandla. Encwadini ayibhalela abaseKorinte, wazifanisa nesitsha sobumba esifa kalula. 'Wayecindezelwe kakhulu, edidekile, eshushiswa, ephonswe phansi.' Ngisho nokuphila kwakhe kwakusengozini. (2 Kor. 4:8-10) UPawulu wabhala lawo mazwi ohambweni lwakhe lwesithathu eyisithunywa sevangeli. Kungenzeka ukuthi wayengazi ngaleso sikhathi ukuthi izinkinga zakhe zazingakapheli. Wayesazohlaselwa yizixuku, aboshwe, aphukelwe nawumkhumbi.

17 UPawulu wathola amandla okukhuthazela ngokugxila ethembeni ayenalo. **(Funda eyesi-2 Korinte 4:16-18.)** Watshela abaseKorinte ukuthi ngisho noma umzimba wakhe 'wawuwohloka,' wayengeke akuvumele lokho kumdikibalise. Wagxila ethembeni ayenalo. Ithemba lakhe lokuphila ezulwini 'lalilikhulu ngokwedlulele,' lingaphezu kwanoma yiluphi usizi ayebhekane nalo. Wazindla ngalelo themba, ngenxa yalokho wazizwa sengathi "wenziwa musha usuku nosuku."

18 UTihomir, umzalwane waseBulgaria, uthola amandla ethembeni analo. Eminyakeni embalwa edlule, umfowabo omncane uZdravko, washona engozini yemoto. Kwaphela isikhathi esithile uTihomir ezwa ubuhlungu obukhulu. Ukuze bakhuthazele, yena nomndeni wakhe, babona ngeso lengqondo ukuthi luyoba njani uvuko. Uyachaza: "Ngokwesibonelo, siye sixoxe ngokuthi siyohlangana kuphi noZdravko, siyomphekelani, obani abayomenywa ephathini yokuqala

16. Kungani umphostoli uPawulu ayedinga amandla?

17. Ngokuvumelana neyesi-2 Korinte 4:16-18, yini eyaqinisa uPawulu ukuze akhuthazelele uvivinyo?

18. Ukuba nethemba kumqinise kanjani uTihomir nomndeni wakhe?

ngemva kokuba evusiwe, nokuthi yini esiyomxoxela yona ngokwenzeka ezinsukwini zokugcina." UTihomir uthi ukugxila ethembeni abanalo kuqinisa umndeni wakhe uqhubeke ukhuthazela futhi uhlale ulinde isikhathi uJehova ayovusa ngaso umfowabo.

19 Ungaliqinisa kanjani elakho ithemba? Ngokwesibonelo, uma unethemba lokuphila phakade emhlabeni, funda ngokuthi iBhayibheli lilichaza kanjani iPharadesi bese uzindla ngalo. (Isaya 25:8; 32:16-18) Cabanga ngokuthi kuyoba njani ukuphila ezweni elisha. Awuzibone ngeso lengqondo ulapho. Ubona bani? Yimiphi imisindo oyizwayo? Uzizwa kanjani? Ukuze ukwazi ukubona iPharadesi ngeso lengqondo, buka izithombe ezisezincwadini zethu noma ubukele ividiyo yomculo enjengethi *Sisezwen' Elisha, Ususemnyango,* noma ethi *Zicabange*. Uma siligcina liphila ithemba lokuphila ezweni elisha ezingqondweni zethu, izinkinga zethu ziyoba 'ezomzuzwana futhi zibe lula.' (2 Kor. 4:17) UJehova uzokwenza uqine ngethemba akunikeze lona.

19. Yini ongayenza ukuze uqinise elakho ithemba? (Bheka nesithombe.)

20 Ngisho noma sizizwa singenamandla, "uNkulunkulu uzosinika amandla." (IHu. 108:13) Usekunikile kakade izinto ozidingayo ukuze uthole amandla kuye. Ngakho, lapho udinga usizo lokufeza isabelo esithile, lokukhuthazelela uvivinyo, noma lokuqhubeka ujabule, thandaza kuJehova ngokusuka enhliziyweni futhi ufune isiqondiso sakhe ngesifundo somuntu siqu. Samukele isikhuthazo esivela kubafowenu nakodadewenu abangamaKristu. Gcina ithemba lakho liphila futhi likhanya bha. Uma wenza kanjalo, 'uyoqiniswa ngawo wonke amandla ngokwamandla [kaNkulunkulu] akhazimulayo ukuze ukhuthazele ngokugcwele ngokubekezela nangenjabulo.'—Kol. 1:11.

20. Singawathola kanjani amandla ngisho nalapho sizizwa singenamandla?

**INCAZELO YESITHOMBE Ikhasi 16:** Udade oyisithulu ucabanga ngezithembiso zeBhayibheli, udlala ividiyo yomculo emenza abone ngeso lengqondo ukuthi ukuphila kwakhe kuyoba njani ezweni elisha.

**UNGAWATHOLA KANJANI AMANDLA . . .**

- ngokuthandaza nangokutadisha?
- kubafowenu nakodadewenu?
- ethembeni lesikhathi esizayo?

**INGOMA 33**

Phonsa Umthwalo Wakho KuJehova

ISIHLOKO ESIFUNDWAYO 44

**INGOMA 95**

Ukukhanya Kuba Kukhulu

**AMAZWIBELA**

Ukutadisha iBhayibheli kungasenza sijabule ukuphila kwethu konke. Kuyasizuzisa, kusisondeze nakuBaba wethu osezulwini. Kulesi sihloko sizobona ukuthi singabuhlola kanjani 'ububanzi, ubude, ukuphakama nokujula' kweZwi likaNkulunkulu.

# Tadisha IZwi LikaNkulunkulu Ujule

*'Kuqonde ngokugcwele ububanzi nobude nokuphakama nokujula.'*
—EFE. 3:18.

ZIBONE ngeso lengqondo ufuna ukuthenga indlu. Yini ongathanda ukuyibona ngaphambi kokuba uyithenge? Ingabe ungafuna ukubona isithombe sokuthi injani ngaphambili? Akungabazeki ukuthi ungafuna ukuyibona ngokoqobo leyo ndlu ukuze uyizungeze, ungene phakathi uhlole wonke amakamelo, ubuke nazo zonke izingxenye zayo. Ungase ufune ngisho nokubheka ipulani yaleyo ndlu ukuze ubone ukuthi yakhiwa kanjani. Kusobala ukuthi ungathanda ukubona yonke imininingwane yale ndlu ofuna ukuyithenga.

2 Singenza okufanayo nalapho sifunda futhi sitadisha iBhayibheli. Esinye isazi sifanisa umyalezo weBhayibheli "nesakhiwo esivulekile, eside esinesisekelo esijulile." Uma linjalo, singakwazi kanjani-ke konke okuseBhayibhelini? Uma ulifunda ujaha, ungase uthole amaqiniso ayisisekelo kuphela—"izinto zokucathula zamazwi angcwele kaNkulunkulu." (Heb. 5:12) Kunokulifunda ujahe, yenza ngendlela obungenza ngayo kule ndlu esixoxe ngayo, ngena ngaphakathi uhlole imininingwane yalo. Indlela enhle kakhulu yokutadisha iBhayibheli iwukubona ukuthi izingxenye ezihlukahlukene zomyalezo walo zihlobana ***kanjani.*** Ungagcini nje ngokuqonda ukuthi ***yimaphi*** amaqiniso owakholelwayo kodwa qonda nokuthi ***kungani*** uwakholelwa.

3 Ukuze siyiqonde ngokugcwele yonke imininingwane yeZwi likaNkulunkulu, kumele sifunde amaqiniso alo ajulile.

---

1-2. Iyiphi indlela enhle kakhulu yokufunda nokutadisha iBhayibheli? Fanekisa.

3. Umphostoli uPawulu wanxusa amaKristu akanye naye ukuba enzeni, futhi kungani? (Efesu 3:14-19)

Umphostoli uPawulu wanxusa abafowabo nodadewabo abangamaKristu ukuba balitadishe ngenkuthalo iZwi likaNkulunkulu ukuze 'bakuqonde ngokugcwele ***ububanzi nobude nokuphakama nokujula'*** kweqiniso. Uma benza kanjalo 'babeyoma baqine, bagxile njengezimpande zesihlahla' okholweni lwabo. **(Funda eyabase-Efesu 3:14-19.)** Nathi kudingeka senze okufanayo. Ake sibone ukuthi singalihlola kanjani iZwi likaNkulunkulu ukuze sibe nomqondo obanzi walokho elikushoyo.

### HLOLA AMAQINISO EBHAYIBHELI AJULILE

4 NjengamaKristu, asaneliswa ukuba nolwazi lweBhayibheli oluyisisekelo nje kuphela. Ngenxa yokuthi sisizwa umoya ongcwele kaNkulunkulu, sizimisele ukufunda "ngisho nezinto ezijulile zikaNkulunkulu." (1 Kor. 2:9, 10) Kungani ungenzi isifundo somuntu siqu esizokusiza usondele nakakhulu kuJehova? Ngokwesibonelo, ungafunda indlela ayebonisa ngayo ukuthi uyazithanda izinceku zakhe zasendulo nendlela lokho okufakazela ngayo ukuthi uyakuthanda nawe. Ungase uhlole ukuthi uJehova wayekhonzwa kanjani kwa-Israyeli nokuthi lokho kufana kanjani nendlela amaKristu amkhonza ngayo namuhla. Noma ungase uzitadishe ujule iziprofetho ezagcwaliswa uJesu phakathi nokuphila nenkonzo yakhe emhlabeni.

5 Kwabuzwa abafundi beBhayibheli abathile abakhuthele ukuthi yiziphi izinto abangathanda ukuzihlola eZwini likaNkulunkulu. Ezinye zezimpendulo zabo zisebhokisini elithi "Ongakutadisha Lapho Wenza Isifundo Somuntu Siqu." Kuyokujabulisa kakhulu ukutadisha lezi zinto usebenzisa i-*Watch Tower Publications Index* noma *INcwadi Yokutadisha YoFakazi BakaJehova*. Ukutadisha iBhayibheli ujule kungaluqinisa ukholo lwakho, kukusize 'uthole ulwazi ngoNkulunkulu.' (IzAga 2:4, 5) Manje ake sixoxe ngamanye amaqiniso ajulile aseBhayibhelini esingawatadisha.

### ZINDLA NGENJONGO KANKULUNKULU

6 Ngokwesibonelo, cabanga ngalokho iBhayibheli elikushoyo ngenjongo kaNkulunkulu.

4. Yini esingayenza ukuze sisondele nakakhulu kuJehova? Nikeza izibonelo.

5. Yini ongathanda ukuyicwaninga esifundweni sakho somuntu siqu?

6. (a) Uyini umehluko phakathi kwepulani nenjongo? (b) Kungani kuthiwa injongo kaJehova ngabantu nomhlaba 'ingunaphakade'? (Efesu 3:11)

## Ongakutadisha Lapho Wenza Isifundo Somuntu Siqu

1. Indlela isihloko seBhayibheli esithuthukiswa ngayo kusukela kuGenesise kuya encwadini yesAmbulo
2. Ukuyiqonda ngokucacile incazelo yegama likaJehova
3. Indlela izivumelwano okukhulunywa ngazo eBhayibhelini ezihlobana ngayo nenjongo kaNkulunkulu
4. Ukubaluleka kwemihlatshelo eyayifuneka ngaphansi koMthetho KaMose
5. Isikhuthazo esisithola eziprofethweni zika-Isaya ezimayelana nokubuyela kwama-Israyeli ezweni lawo
6. Indlela uJehova asebenzisa ngayo umoya wakhe ukuze afeze intando yakhe
7. Ukufana okukhona phakathi kweziprofetho ezisencwadini kaDaniyeli nezisencwadini yesAmbulo

Kunomehluko omkhulu phakathi kwepulani nenjongo. ***Ipulani*** ifana nomgwaqo ongakuyisa lapho ufuna ukuya khona. Nokho, uma umgwaqo uvaliwe, ipulani ingase ingaphumeleli, okusho ukuthi ungase ungafiki lapho uya khona. ***Injongo*** yona ifana nendawo oya kuyo. Sazi kahle ukuthi sifuna ukuyaphi kodwa singahamba ngemigwaqo engafani ukuze sifike lapho. Uma kukhona umgwaqo ovaliwe, ungahamba ngomunye. Siyabonga ngokuthi uJehova uyembule kancane kancane 'injongo [yakhe] engunaphakade' eBhayibhelini. Angakhetha izindlela ezingafani zokufeza injongo yakhe futhi uhlale ephumelela ngoba "wenza zonke izinto zifeze injongo yakhe." (IzAga 16:4) Imiphumela yalokho uJehova akwenzayo iyohlala phakade. Iyini injongo kaJehova futhi yiluphi ushintsho alwenzile ukuze ayifeze?

7 UNkulunkulu watshela abantu bokuqala ukuthi yayiyini injongo yakhe ngabo. Wathi: "Zalani nande, nigcwalise umhlaba niwunqobe, nithotshelwe . . . [yizo] zonke izilwane eziphilayo ezihamba emhlabeni." (Gen. 1:28) Lapho u-Adamu no-Eva behlubuka, bebangela ukuba sonke isintu sibe nesono, injongo kaJehova ayizange ishintshe. Washintsha indlela eyayizofezeka ngayo. Ngokushesha, wanquma ukumisa uMbuso ezulwini owawuzofeza injongo yakhe yasekuqaleni ngabantu nangomhlaba. **(Funda uMathewu 25:34.)** Ngesikhathi sakhe esifanele, ngothando uJehova wathumela iNdodana yakhe eyizibulo emhlabeni ukuze ifundise abantu ngalo Mbuso futhi inikele ngokuphila kwayo ukuze isihlenge esonweni nasekufeni. Ngemva kwalokho, uJesu wavuswa wabuyela ezulwini ukuze abuse njengeNkosi yoMbuso kaNkulunkulu. Kodwa kunokwengeziwe esingakufunda ngenjongo kaNkulunkulu.

8 Isihloko esiyinhloko seBhayibheli siwukuthi igama likaJehova liyolwelwa lapho efeza injongo yakhe ngomhlaba esebenzisa uMbuso wakhe osezandleni zikaKristu. Akekho ongashintsha injongo kaJehova. Usiqinisekisile ukuthi uzoyifeza nakanjani. (Isaya 46:10, 11, mbhw.; Heb. 6:17, 18) Ngokuhamba kwesikhathi, umhlaba uyoguqulwa ube iphāradesi okuyohlala kulo inzalo elungile ka-Adamu no-Eva, 'iphile kuze kube phakade.' (IHu. 22:26) Kodwa injongo kaJehova ayipheleli lapha. Ekugcineni injongo yakhe iwukwenza zonke izidalwa zakhe ezihlakaniphile ezisezulwini nasemhlabeni zibe nobunye. Ngemva kwalokho, bonke abaphilayo bayozithoba ngobuqotho kuye njengoMbusi wabo. **(Funda eyabase-Efesu 1:8-11.)** Ayikumangazi yini indlela enhle uJehova afeza ngayo injongo yakhe?

## CABANGISISA NGEKUSASA LAKHO

9 Cabanga ngesiprofetho uJehova asisho ensimini yase-Edene esibhalwe kuGenesise 3:15.* Sakhuluma ngezenzakalo ezaziyogcwalisa injongo yakhe kodwa ezaziyokwenzeka ngemva kwezinkulungwane zeminyaka. Lezi zenzakalo zazihlanganisa ukuvela kwenzalo ka-Abrahama, uhlu lozalo olwaluyoholela ekuzalweni kukaKristu. (Gen. 22:15-18) Kwathi ngo-33 C.E., uJesu walinyazwa esithendeni njengoba kwakubikezelwe. (IzE. 3:13-

* Bheka isihloko esithi "Isiprofetho Sasendulo Esibalulekile Kuwe" kuyi-*Nqabayokulinda* kaJulayi 2022.

7. Ngemva kokuhlubuka kwabantu bokuqala, uJehova wayishintsha kanjani indlela ayezofeza ngayo injongo yakhe? (Mathewu 25:34)

8. (a) Sithini isihloko seBhayibheli? (b) Njengoba kuchazwe kweyabase-Efesu 1:8-11, yini enye uJehova ayoyifeza? (Bheka isithombe esisekhasini 1.)

9. Singakwazi ukubona izinto eziyokwenzeka ngemva kwesikhathi esingakanani uma sifunda iBhayibheli?



**Uyozizwa usondelene kangakanani noJehova ngemva kokufunda ngaye izigidigidi zeminyaka?**
(Bheka isigaba 11)

15) Isenzakalo sokugcina saleso siprofetho, esiwukuchotshozwa kwekhanda likaSathane, kusasele iminyaka engaphezu kuka-1 000 ukuba senzeke. (IsAm. 20:7-10) IBhayibheli lembula okuningi kakhulu okuzokwenzeka njengoba ubutha phakathi kwezwe likaSathane nenhlangano kaJehova bufinyelela umvuthwandaba.

10 Cabanga ngalezi zenzakalo ezizonyakazisa umhlaba ezibikezelwa iBhayibheli. Esokuqala, izizwe zizomemezela "ukuthula nokulondeka!" (1 Thes. 5:2, 3) "Ngaso leso sikhathi" kuyoqala usizi olukhulu lapho izizwe zihlasela yonke inkolo yamanga. (IsAm. 17:16) Ngemva kwalokho, kungenzeka kube nesibonakaliso esingaphezu kwamandla avamile 'seNdodana yomuntu iza iphezu kwamafu ezulu inamandla nenkazimulo enkulu.' (Math. 24:30) UJesu uyokwahlulela abantu, ahlukanise izimvu ezimbuzini. (Math. 25:31-33, 46) Ngaleso sikhathi uSathane uyobe engasongile izandla. Ngenxa yenzondo anayo, uyogqugquzela uGogi wezwe lakwaMagogi, okuyizizwe eziyohlangana zihlasele abantu bakaNkulunkulu, ukuba athathe isinyathelo sokuhlasela izikhonzi zikaJehova. (Hez. 38:2, 10, 11) Ngemva kwesikhathi esithile, abagcotshiwe abasele bayoyiswa ezulwini babe kanye noKristu namabutho akhe asezulwini ukuze balwe empini ye-Armagedoni, eyobe iwumvuthwandaba wosizi olukhulu.* (Math. 24:31; IsAm. 16:14, 16) Ngemva kwalokho, ukuBusa KukaKristu Kweminyaka Eyinkulungwane emhlabeni kuyoqala.—IsAm. 20:6.

11 Manje, ake ubheke ngale kweminyaka engu-1 000. IBhayibheli lithi uMdali wethu "uze wafaka ngisho nobuphakade ezinhliziyweni [zethu]." (UmSh. 3:11) Cabanga ukuthi lokho kusho ukuthini ngawe nobuhlobo bakho noJehova. Nakhu okujabulisayo okushiwo incwadi ethi *Sondela KuJehova,* ikhasi 319: "Uma sesiphile iminyaka

**10.** (a) Yiziphi izenzakalo ezizokwenzeka maduzane? (b) Singazilungiselela kanjani izingqondo nezinhliziyo zethu? (Bheka umbhalo waphansi.)

* Ukuze uzilungiselele ukubhekana nezenzakalo ezizonyakazisa umhlaba maduzane, bheka incwadi ethi *UMbuso KaNkulunkulu Uyabusa!* k. 230.

**11.** Yini olangazelela ukuyibona uma usuphila phakade? (Bheka nesithombe.)



**Cabanga injabulo oyoba nayo ezweni elisha ngenxa yokuthi wasiza abantu baba oFakazi BakaJehova nabafundi bakaJesu!**

(Bheka isigaba 14)

engamakhulu, eyizinkulungwane, eyizigidi, ngisho neyizigidi eziyizinkulungwane, siyobe sesazi okuningi kakhulu ngoJehova uNkulunkulu kunamanje. Kodwa siyobe sisenomuzwa wokuthi kusenenqwaba yezinto ezimangalisayo okusamele sizifunde. . . . Ukuphila okuphakade kuyoba okucebile nokunezinto ezihlukahlukene ngendlela esingenakuyicabanga—futhi ukusondela kakhulu kuJehova yikona okuyosizuzisa kakhulu ngaso sonke isikhathi." Okwamanje, njengoba siqhubeka sitadisha iZwi likaNkulunkulu, yini enye esingayihlola?

### BHEKA PHEZULU EMAZULWINI

**12** IZwi likaNkulunkulu lisembulela kancane nje ukuthi kunjani ukuba lapho uJehova ekhona, "endaweni ephakeme." (Isaya 33:5) IBhayibheli lembula izinto ezimangalisayo ngoJehova nangengxenye esezulwini yenhlangano yakhe. (Isaya 6:1-4; Dan. 7:9, 10; IsAm. 4:1-6) Ngokwesibonelo, singafunda ngezinto ezimangalisayo uHezekeli azibona lapho 'amazulu evuleka, eqala ukubona imibono kaNkulunkulu.'—Hez. 1:1.

**13** Cabanga nangendima kaJesu yokuba iNkosi ebusayo emazulwini nomPristi Ophakeme onozwela. Singasondela ngoJesu "esihlalweni sobukhosi [sikaNkulunkulu] somusa omkhulu," ngomthandazo sicele isihe nosizo "ngesikhathi esifanele." **(Funda eyamaHebheru 4:14-16.)** Kwangathi singelokothe sivumele ukuba kudlule usuku singazange sicabange ngalokho uJehova noJesu abasenzele kona nabasenzela kona manje besemazulwini. Uthando lwabo kufanele lusithinte ngokujulile, lusenze simkhonze ngentshiseko uJehova. —2 Kor. 5:14, 15.

---

12. Singabheka kanjani phezulu emazulwini? Nikeza isibonelo.

13. Yini oyazisayo ngendima kaJesu emazulwini, njengoba ichazwe kweyamaHebheru 4:14-16?

**14** Enye yezindlela ezinhle kakhulu yokubonisa ukuthi simbonga kangakanani uNkulunkulu wethu neNdodana yakhe iwukusiza abanye babe oFakazi BakaJehova nabafundi bakaJesu. (Math. 28:19, 20) Yilokho umphostoli uPawulu akwenza ukuze abonise ukuthi uyambonga uNkulunkulu noKristu. Wayazi ukuthi intando kaJehova iwukuba "zonke izinhlobo zabantu zisindiswe futhi zithole ulwazi olunembile lweqiniso." (1 Thim. 2:3, 4) Wasebenza kanzima enkonzweni esiza abaningi ngangokunokwenzeka ukuze 'ngazo zonke izindlela asindise abathile' uma kungenzeka.—1 Kor. 9:22, 23.

### KUJABULELE UKUHLOLA IZWI LIKANKULUNKULU

**15** Kuyafaneleka ukuthi umhubi wachaza umuntu ojabulayo nophumelelayo ngokuthi 'ujabula ngomthetho kaJehova' nangokuthi "uzindla ngomthetho waKhe imini nobusuku." (IHu. 1:1-3; mbhw.) Ekhuluma ngalo mBhalo encwadini yakhe ethi *Studies in the Psalms,* umhumushi weBhayibheli, uJoseph Rotherham, wathi umuntu kufanele "asithande kakhulu isiqondiso sikaNkulunkulu kangangokuba asifune, asifunde, achithe nesikhathi esiningi ecabanga ngaso." Wanezela nokuthi "uma kudlula usuku umuntu engalifundanga iBhayibheli ukuze athole ukuhlakanipha kwalo, lolo suku luyobe lumlahlekele." Ungakujabulela ukutadisha iBhayibheli ngokufunda konke ongakufunda ngemininingwane yalo ebalulekile nangokubona indlela konke okuhlobana ngayo. Kujabulisa ngempela ukuhlola ububanzi, ubude, ukuphakama nokujula kweZwi likaNkulunkulu!

**16** Amaqiniso amnandi uJehova asifundisa wona eZwini lakhe awanzima kakhulu ukuba singangawaqonda. Esihlokweni esilandelayo sizofunda ngelinye lamaqiniso ajulile—ithempeli likaJehova elikhulu elingokomoya, lelo uPawulu alichaza encwadini ayibhalela amaKristu angamaHebheru. Kwangathi ukufunda leso sihloko kungakujabulisa kakhulu.

---

14. Iyiphi enye yezindlela ezinhle kakhulu esingabonisa ngayo ukuthi siyambonga uJehova noJesu? (Bheka nezithombe.)

15. IHubo 1:2 lithi yini ezosenza sijabule?

16. Sizoxoxa ngani esihlokweni esilandelayo?

---

**UNGAPHENDULA KANJANI?**

- Iyini injongo kaJehova eyinhloko?
- Lithini iBhayibheli ngekusasa lethu?
- Singabheka kanjani phezulu emazulwini?

**INGOMA 94**

Ukubonga NgeZwi LikaNkulunkulu

ISIHLOKO ESIFUNDWAYO 45

**INGOMA 93**

Busisa Ukuhlangana Kwethu

**AMAZWIBELA**

Enye yezimfundiso ezijulile eziseZwini likaNkulunkulu iphathelene nethempeli likaJehova elikhulu elingokomoya. Liyini lelo thempeli? Kulesi sihloko sizoxoxa ngemininingwane esencwadini yamaHebheru ephathelene naleli thempeli. Kwangathi lesi sihloko singakwenza ulazise nakakhulu ilungelo onalo lokukhonza uJehova.

# Lazise Ilungelo Onalo Lokukhonza Ethempelini LikaJehova Elingokomoya

*"Khulekelani Lowo owenza izulu nomhlaba."*—ISAM. 14:7.

UKUBE ingelosi ibingakhuluma nawe, ubungayilalela? Namuhla ingelosi ikhuluma nazo "zonke izizwe nezinhlanga nezilimi nabantu." Ithini? Ithi: "Mesabeni uNkulunkulu nimnike inkazimulo . . . Khulekelani Lowo owenza izulu nomhlaba." (IsAm. 14:6, 7) UJehova uyena kuphela uNkulunkulu weqiniso okufanele akhonzwe yibo bonke abantu. Asive sibonga ngokuthi usinikeze ithuba eliyigugu lokumkhonza ethempelini lakhe elikhulu elingokomoya!

2 Liyini ngempela leli thempeli elingokomoya futhi singayitholaphi imininingwane elichazayo? Ithempeli elingokomoya alisona isakhiwo esingokoqobo. ***Liyilungiselelo likaJehova lokumkhonza ngendlela ayamukelayo esekelwe emhlatshelweni wesihlengo sikaJesu.*** Umphostoli uPawulu walichaza leli lungiselelo encwadini ayibhalela amaKristu ekhulu lokuqala angamaHebheru ayehlala eJudiya.*

3 Kungani uPawulu abhalela amaKristu angamaHebheru ayehlala eJudiya? Cishe zimbili izizathu eziyinhloko. Esokuqala, wayefuna ukuwakhuthaza. Iningi lawo lalikhulele enkolweni yamaJuda. Kungenzeka ukuthi abaholi bawo benkolo bangaphambili babehlekisa ngawo ngoba esengamaKristu.

* Ukuze uthole amazwibela encwadi yamaHebheru, bukela ividiyo ethi *Isethulo Sencwadi Eya KumaHebheru* ku-jw.org/zu.

1. Ithini ingelosi, futhi lokho kusho ukuthini kithi?

2. Liyini ithempeli likaJehova elingokomoya? (Bheka nebhokisi elithi "Lokho Elingekona.")

3-4. Yini eyayikhathaza uPawulu ngamaKristu angamaHebheru ayehlala eJudiya, futhi wawasiza kanjani?

Kungani? Kungenxa yokuthi amaKristu ayengenalo ithempeli elibabazekayo ayekhonza kulo, engenalo i-altare ayengenzela kulo imihlatshelo eya kuNkulunkulu, engenabo nabapristi ababewakhonza. Kwakungabadikibalisa lokhu abafundi bakaKristu, kwenze nokholo lwabo lube buthaka. (Heb. 2:1; 3:12, 14) Kungenzeka nokuthi abanye babo babengalingeka bafune ukubuyela enkolweni yamaJuda.

4 Esesibili, uPawulu wathi lawo maKristu angamaHebheru ayengawenzi umzamo wokuqonda izimfundiso ezintsha noma ezijulile, "ukudla okuqinile" okuseZwini likaNkulunkulu. (Heb. 5:11-14) Kusobala ukuthi amanye ayesabambelele eMthethweni KaMose. Nokho, uPawulu wachaza ukuthi imihlatshelo eyayifuneka ngaphansi koMthetho KaMose yayingazisusi ngokuphelele izono. Yingakho uMthetho 'washaywa indiva.' Ngenxa yalokho, uPawulu wabe esewafundisa amaqiniso ajulile. Wakhumbuza amaKristu akanye naye 'ngethemba elingcono' elisekelwe emhlatshelweni kaJesu owawungawasiza ngempela ukuba 'asondele kuNkulunkulu.'—Heb. 7:18, 19.

5 UPawulu wachazela abafowabo abangamaHebheru ukuthi kungani indlela ababekhonza ngayo uJehova yayingcono kunendlela ababemkhonza ngayo esikhathini esingaphambili. Indlela amaJuda ayekhonza ngayo ngaphansi koMthetho KaMose yayimane ***"iyisithunzi*** sezinto ezazizofika, kodwa ***okungokoqobo*** kungokukaKristu." (Kol. 2:17) Isithunzi asifani ncamashi nento esuke ibangela ukuba kube naleso sithunzi. Ngokufanayo, indlela amaJuda ayekhonza ngayo endulo yayimane iyisithunzi sento engokoqobo eyayiseza. Kudingeka siliqonde ilungiselelo likaJehova lokusithethelela izono ukuze ayamukele indlela esimkhonza ngayo. Manje ake siqhathanise 'okuyisithunzi' (indlela amaJuda ayekhonza ngayo endulo) 'nokungokoqobo' (indlela amaKristu akhonza ngayo), njengoba kuchazwe encwadini yamaHebheru. Uma senza kanjalo, sizoliqonda kangcono ithempeli elingokomoya nokuthi lisithinta kanjani thina.

5. Yini okudingeka siyiqonde encwadini yamaHebheru, futhi kungani?

## Lokho Elingekona

- Ithempeli elingokomoya alilona ithempeli uHezekeli alibona embonweni, eligcizelela imithetho kaJehova yokumkhonza ngendlela emsulwa nokubuyiselwa kwendlela emsulwa yokumkhonza esikhathini sethu. —Hez. 40:1-5.*
- Alilona "ithempeli elingcwele likaJehova," lona elibhekisela kwabagcotshiwe abakhonza ebandleni lobuKristu.—Efe. 2: 19-22; 1 Kor. 3:16, 17; 2 Kor. 6:16.#
- Alilona ipharadesi lethu elingokomoya —ukuthula nobunye esinabo nabafowethu nodadewethu ngenxa yokuthi sikhonza uJehova ethempelini elingokomoya.

* Bheka incwadi ethi *Indlela Emsulwa Yokukhonza UJehova—Iyabuyiselwa Ekugcineni!* k. 240.
\# Bheka ibhokisi elithi "Indlela Umoya Owakwembula Ngayo Okushiwo Ithempeli Elingokomoya" kuyi-*Nqabayokulinda* kaJulayi 15, 2010, k. 22.

### ITABERNAKELE

6 ***Okuyisithunzi.*** Ingxoxo kaPawulu ekhuluma ngethempeli elingokomoya isekelwe etabernakele elamiswa uMose ngo-1512 B.C.E.

6. Lalisetshenziselwa yiphi injongo itabernakele?

(Bheka ishadi elithi "Okuyisithunzi—Okungokoqobo.") Itabernakele laliyisakhiwo esinjengetende ama-Israyeli ayesithwala ekuqaleni lapho esuka kwenye indawo eya kwenye. Alisebenzisa cishe iminyaka engu-500 kwaze kwaba yilapho sekwakhiwe ithempeli eJerusalema. (Eks. 25:8, 9; Num. 9:22) Leli "tende lokuhlangana" laliyindawo eyinhloko ama-Israyeli ayehlangana kuyo ukuze akhonze uNkulunkulu anikele nemihlatshelo. (Eks. 29: 43-46) Noma kunjalo, leli tabernakele lalimelela nokuthile okungcono kakhulu kwamaKristu okwakuseza.

7 ***Okungokoqobo.*** Itabernakele lasendulo 'laliyisithunzi sezinto zasezulwini,' futhi lalifanekisela ithempeli likaJehova elikhulu elingokomoya. UPawulu wathi "leli tende [noma itabernakele] liwumfanekiso wesikhathi samanje." (Heb. 8:5; 9:9) Ngakho, ngesikhathi ebhalela amaHebheru, leli thempeli elingokomoya lase livele likhona, liyinto engokoqobo kumaKristu. Laba khona ngo-29 C.E. Ngalowo nyaka uJesu wabhapathizwa, wagcotshwa ngomoya ongcwele, waqala ukukhonza 'njengompristi ophakeme omkhulu' kaJehova ethempelini elingokomoya.*—Heb. 4:14; IzE. 10:37, 38.

### UMPRISTI OPHAKEME

8 ***Okuyisithunzi.*** UmPristi Ophakeme wayenikezwe igunya lokumelela abantu phambi kukaNkulunkulu. Lapho itabernakele linikezelwa, uJehova wamisa umPristi Ophakeme wokuqala kwa-Israyeli, u-Aroni. Nokho, njengoba uPawulu achaza, "baningi okwadingeka babe abapristi ngokulandelana ngenxa yokuthi ukufa kwabavimba ukuba baqhubeke beyibo."* **(Funda eyamaHebheru 7:23-27.)** Labo bapristi abaphakeme babengamadoda anesono, ngakho kwakudingeka benze imihlatshelo yezabo izono. Nawu-ke umehluko omkhulu phakathi kwabapristi abaphakeme bakwa-Israyeli nomPristi Ophakeme, uJesu Kristu.

9 ***Okungokoqobo.*** UJesu Kristu, njengomPristi Ophakeme, 'uyisikhonzi sasetendeni leqiniso, elamiswa uJehova, hhayi umuntu.' (Heb. 8:1, 2) UPawulu wathi "ngenxa yokuthi [uJesu] uqhubeka ephila kuze kube phakade, akekho olandela esikhundleni sakhe sobupristi." Wanezela nokuthi uJesu 'akangcolile, uhlukanisiwe nezoni,' futhi ngokungefani nabapristi abaphakeme bakwa-Israyeli, "akudingeki ukuba anikele imihlatshelo nsuku zonke" ngenxa yezono zakhe. Manje, cabanga ngomehluko okhona phakathi kwama-altare nemihlatshelo alokho okuyisithunzi nalokho okungokoqobo.

### AMA-ALTARE NEMIHLATSHELO

10 ***Okuyisithunzi.*** Ngaphandle emnyango wetabernakele kwakukhona i-altare lethusi okwakunikelwa kulo imihlatshelo yezilwane eya kuJehova. (Eks. 27:1, 2; 40:29) Kodwa leyo mihlatshelo yayingenzi ukuba izono zabantu zithethelelwe ngokuphelele. (Heb. 10: 1-4) Ukunikelwa kwemihlatshelo yezilwane njalo etabernakele kwakufanekisela umhlatshelo owodwa owawuzobahlenga ngokuphelele abantu.


* Incwadi yamaHebheru iyona kuphela emiBhalweni YamaKristu YesiGreki ebiza uJesu ngokuthi umPristi Ophakeme.

* Enye incwadi ithi kungenzeka kwakunabapristi abaphakeme abacishe babe ngu-84 kwa-Israyeli ngesikhathi ithempeli elaliseJerusalema libhujiswa ngo-70 C.E.

7. Ithempeli elingokomoya laqala nini ukuba khona?

8-9. NgokweyamaHebheru 7:23-27, yimuphi umehluko omkhulu phakathi kwabapristi abaphakeme bakwa-Israyeli nomPristi Ophakeme, uJesu Kristu?

10. Yayifanekiselani imihlatshelo eyayenziwa e-altare lethusi?




[11] ***Okungokoqobo.*** UJesu wayazi ukuthi uJehova wayemthume emhlabeni ukuba anikele ngokuphila kwakhe kube umhlatshelo wesihlengo sesintu. (Math. 20:28) Ngakho, ngesikhathi uJesu ebhapathizwa, wayezinikela ukuba enze lokho uJehova ayekufuna. (Joh. 6:38; Gal. 1:4) UJesu wazinikela e-altare elingokomfanekiso elalifanekisela "intando" kaNkulunkulu ewukuba iNdodana yakhe inikele ngokuphila kwayo okungenasono kube umhlatshelo. UJesu wanikela ngokuphila kwakhe 'kwaba kanye kuphela' ukuze ahlawulele, noma amboze, unomphela izono zabo bonke ababonisa ukholo kuKristu. **(Funda eyamaHebheru 10:5-7, 10.)** Manje sesizoxoxa ngokubaluleka kwezinto ezazingaphakathi etabernakele.

11. UJesu wazinikela kuliphi i-altare ukuba abe umhlatshelo? (Hebheru 10:5-7, 10)

## INGCWELE NENGCWELENGCWELE

[12] ***Okuyisithunzi.*** Itabernakele namathempeli akhiwa kamuva eJerusalema kwakwakhiwe ngendlela ethi ayifane. Ngaphakathi kwakunamagumbi amabili—"iNdawo Engcwele" (noma 'iNgcwele') 'neNgcwelengcwele'—ayehlukaniswe ikhethini elinemifanekiso. (Heb. 9:2-5; Eks. 26:31-33) Ngaphakathi ***eNgcwele*** kwakunothi lwesibani legolide, i-altare lokushisa impepho netafula lesinkwa sokubukwa. "Abapristi abagcotshiwe" kuphela ababevunyelwe ukungena eNgcwele ukuze benze imisebenzi yabo engcwele. (Num. 3:3, 7, 10) ***ENgcwelengcwele*** kwakunomphongolo wesivumelwano owenziwe ngegolide owawufanekisela ukuba

12. Ubani owayengangena egunjini ngalinye letabernakele?

khona kukaJehova. (Eks. 25:21, 22) Umpristi ophakeme uyena kuphela owayevunyelwe ukudlulela ngale kwekhethini angene eNgcwelengcwele kanye ngonyaka ngoSuku Lokuhlawulelwa. (Lev. 16:2, 17) Njalo ngonyaka wayengena negazi lezilwane ukuze ahlawulele ezakhe izono nezono zaso sonke isizwe. Ngokuhamba kwesikhathi uJehova, ngomoya wakhe ongcwele, wakwenza kwacaca ukuthi zazimelelani lezi zinto ezazisetabernakele.—Heb. 9:6-8.*

13 ***Okungokoqobo.*** Inani elithile labafundi bakaKristu ligcotshwe ngomoya ongcwele futhi linobuhlobo obukhethekile noJehova. Laba abangu-144 000 kumele babe abapristi ezulwini noJesu. (IsAm. 1:6; 14:1) ***INgcwele*** letabernakele lifanekisela isimo sabo sokuba amadodana kaNkulunkulu agcotshwe ngomoya ngesikhathi esesemhlabeni. (Roma 8:15-17) ***INgcwelengcwele*** letabernakele limelela izulu, lapho kuhlala khona uJehova. 'Ikhethini' elalihlukanisa iNgcwele neNgcwelengcwele lifanekisela umzimba kaJesu wenyama owawuyisithiyo sokuba angene ezulwini njengomPristi Ophakeme omkhulu wethempeli elingokomoya. Ngokunikela ngomzimba wakhe wenyama ukuba ube umhlatshelo, uJesu wavulela wonke amaKristu agcotshiwe indlela yokuyophila ezulwini. Nawo kumele anikele imizimba yawo yenyama ukuze athole umvuzo wasezulwini. (Heb. 10:19, 20; 1 Kor. 15:50) Ngemva kokuvuswa kukaJesu, wangena eNgcwelengcwele lethempeli elingokomoya, lapho bonke abagcotshiwe beyogcina benaye khona.

14 Kule ndaba, umhlatshelo wesihlengo nobupristi bukaJesu Kristu kusenza sikubone ngokucacile ukuphakama kwelungiselelo likaJehova lokumkhonza ngendlela emsulwa. Umpristi ophakeme wakwa-Israyeli wayengena eNgcwelengcwele eyenziwe umuntu ephethe igazi lemihlatshelo yezilwane, kodwa uJesu yena "wangena ezulwini ngokwalo," indawo engcwele kunazo zonke, ukuze abonakale phambi kukaJehova. Ngaleso sikhathi, wafike wanikela ngenani lokuphila kwakhe okungenasono ngenxa yethu "ukuze asuse isono ngomhlatshelo wakhe." **(Funda eyamaHebheru 9:12, 24-26.)** Umhlatshelo kaJesu uyedlula yonke eminye imihlatshelo, uzisusa ngokuphelele izono. Njengoba sizofunda, kungakhathaliseki ukuthi sinethemba lokuphila ezulwini noma emhlabeni, sonke singamkhonza uJehova ethempelini lakhe elingokomoya.

### AMAGCEKE

15 ***Okuyisithunzi.*** Itabernakele lalinegceke elilodwa—elaliyindawo ebiyelwe nevulekile lapho abapristi babenza khona imisebenzi yabo. I-altare elikhulu lethusi lomnikelo oshiswayo lalikuleli gceke, kanye nendishi yamanzi yethusi abapristi ababeyisebenzisela ukuzihlanza ngaphambi kokwenza inkonzo engcwele. (Eks. 30:17-20; 40:6-8) Amathempeli akhiwa kamuva nawo ayenalo igceke elingaphandle lapho abantu ababengebona abapristi babema khona bakhonze uNkulunkulu.

16 ***Okungokoqobo.*** Ngaphambi kokuyokhonza njengabapristi noJesu ezulwini, abafowa-

* Ukuze uthole ukuthi zazimelelani izinto ezazenziwa umpristi ophakeme ngoSuku Lokuhlawulelwa, bukela ividiyo ethi *Itende* ku-jw.org/zu.

13. Ifanekiselani iNgcwele neNgcwelengcwele letabernakele kulokho okungokoqobo?

14. EyamaHebheru 9:12, 24-26, ithi yini eyenza ilungiselelo likaJehova lethempeli elingokomoya libe eliphakeme?

15. Obani ababekhonza egcekeni letabernakele?

16. Obani abakhonza egcekeni ngalinye lethempeli elingokomoya?

bo abagcotshiwe abasele bakhonza ngokwethembeka engxenyeni esemhlabeni ***yegceke elingaphakathi*** lethempeli elingokomoya. Ukuba khona kwendishi enkulu yamanzi kuyisikhumbuzo esibalulekile kubo nakuwo wonke amaKristu sokuba aqhubeke eziphatha ngendlela ehlanzekile futhi abe nobuhlobo obuhle noNkulunkulu. "Isixuku esikhulu," esibasekela ngobuqotho abafowabo bakaKristu abagcotshiwe, simkhonza kuphike sona uJehova? Umphostoli uJohane wasibona "simi phambi kwesihlalo sobukhosi," endaweni esemhlabeni ethi ayifane ***negceke elingaphandle,*** lapho 'sinikela [khona] inkonzo engcwele [kuNkulunkulu] imini nobusuku ethempelini lakhe.' (IsAm. 7:9, 13-15) Sikwazisa ngempela ukuba nengxenye elungiselelweni likaJehova lokumkhonza ngendlela emsulwa!

### ILUNGELO ESINALO LOKUKHONZA UJEHOVA

17 Namuhla wonke amaKristu anelungelo lokunikela ngemihlatshelo kuJehova ngokusebenzisa isikhathi sawo, amandla awo nezinto anazo ukuze athuthukise imisebenzi ephathelene noMbuso kaNkulunkulu. Njengoba uPawulu atshela amaKristu angamaHebheru, 'singanikela njalo kuNkulunkulu umhlatshelo wokudumisa, okuwukuthi, amazwi aphuma emilonyeni yethu avuma obala igama lakhe.' (Heb. 13:15) Singabonisa ukuthi siyalazisa ilungelo esinalo lokukhonza uJehova ngokunikela kuye imihlatshelo engcono kakhulu.

17. Yimiphi imihlatshelo esinelungelo lokuyinikela kuJehova?

18 **Funda eyamaHebheru 10:22-25.** Ngasekuphetheni kwencwadi ayibhalela amaHebheru, uPawulu wakhuluma ngezici ezihlukahlukene zenkonzo yethu okufanele siqikelele ukuthi siyazinaka. Lezi zici zihlanganisa ukuthandaza kuJehova, ukushumayeza abanye ngethemba lethu, ukuhlangana ndawonye njengebandla nokukhuthazana, 'ikakhulu njengoba sibona usuku [lukaJehova] lusondela.' Ngasekupheleni kwencwadi yesAmbulo, ingelosi kaJehova iwasho kabili la mazwi ukuze iwagcizelele, ithi: "Khulekela uNkulunkulu!" (IsAm. 19:10; 22:9) Kwangathi singelinge sikhohlwe yileli qiniso elijulile elimayelana nethempeli likaJehova elikhulu elingokomoya nelungelo elimangalisayo esinalo lokukhonza uNkulunkulu wethu omkhulu!

18. NgokweyamaHebheru 10:22-25, yini okufanele siqikelele ukuthi siyayinaka, futhi yini okufanele singayikhohlwa nanini?

### UNGACHAZA?

- Kungani umphostoli uPawulu ayekhathazekile ngamaKristu angamaHebheru?
- Yini eyenza ilungiselelo lethempeli elingokomoya libe eliphakeme?
- Yini okumele siqikelele ukuthi siyayinaka, futhi yini okumele singayikhohlwa?

**INGOMA 88**

Ngenze Ngazi Izindlela Zakho

## IMIBUZO EVELA KUBAFUNDI



### Zikhona yini ezinye izinto ama-Israyeli ayezidla ehlane ngaphandle kwemana nezagwaca?

■ Imana yayiwukudla okuyinhloko kwama-Israyeli phakathi neminyaka engu 40 esehlane. (Eks. 16:35) UJehova wawapha nezagwaca kabili. (Eks. 16:12, 13; Num. 11:31) Noma kunjalo, ayenakho okunye ukudla ayengakudla.

Ngokwesibonelo, ngezinye izikhathi uJehova wayeholela abantu bakhe 'endaweni yokuphumula' eyayinamanzi okuphuza nokudla ababengakudla. (Num. 10:33) Enye yalezo zindawo kwakuyi-Elimi, "lapho kwakukhona iziphethu zamanzi ezingu-12 nezihlahla zesundu ezingu-70." (Eks. 15:27) Incwadi ethi *Plants of the Bible* ithi isihlahla sesundu, "esimila ezindaweni eziningi ogwadule, . . . yisona izigidi zabantu ezithola kuso ukudla, amafutha nendawo yokukhosela."

Kungenzeka nokuthi ama-Israyeli ama endaweni enkulu enamanzi, namuhla ebizwa ngokuthi iFeiran, eyingxenye yeWadi Feiran.* Incwadi ethi *Discovering the World of the Bible* ithi, "Iesi sigodi esinomfula singamakhilomitha angu-130 ubude futhi singesinye sezigodi ezinde, ezinhle nezidume kunazo zonke eSinayi." Iyaqhubeka ithi: "Kulesi sigodi esinomfula, cishe emakhilomitheni angu-45 uma usuka lapho umfula ungena khona olwandle, kuneFeiran Oasis, enhle engamakhilomitha angu-4,8 ubude, egcwele izihlahla zesundu, ephakeme ngamamitha acishe abe ngu-610 olwandle. Iyi-Edene yaseSinayi. Kusukela endulo, abantu bebeza lapha ngenxa yezihlahla zesundu eziningi kakhulu."

Ngesikhathi ama-Israyeli ehamba eGibhithe, ahamba nenhlama, izitsha zokuxovela, cishe nokudla okusanhlamvu namafutha. Yiqiniso, lezi zinto zazingeke zihlale isikhathi eside. Abantu bahamba 'nanemihlambi nemfuyo eningi kakhulu.' (Eks. 12:34-39) Nokho, ngenxa yokuthi komile ogwadule, inani lemfuyo cishe lancipha. Kungenzeka ukuthi ama-Israyeli ayidla enye. Enye imfuyo kungenzeka yenziwa imihlatshelo, yenzelwa ngisho nonkulunkulu bamanga.* (IzE. 7:39-43) Noma kunjalo, ama-Israyeli ayeyizalanisa imfuyo, njengoba kubonisa amazwi uJehova awasho kubantu ngenxa yokungabi nokholo kwabo okubi kakhulu: "Amadodana enu ayoba abelusi ehlane iminyaka engu-40." (Num. 14:33) Kungenzeka ukuthi babethola ubisi emihlanjini

---

* Bheka *INqabayokulinda* kaMeyi 1, 1992, kk. 24-25.

* IBhayibheli likhuluma ngezikhathi ezimbili lapho izilwane zenziwa khona umhlatshelo oya kuJehova ehlane. Esokuqala, kwakungesikhathi kumiswa abapristi; esesibili, kwakungesikhathi sePhasika. Yomibili le mihlatshelo yenziwa ngo-1512 B.C.E., unyaka wesibili ngemva kokuphuma kwama-Israyeli eGibhithe. —Lev. 8:14–9:24; Num. 9:1-5.

yabo, ngezikhathi ezithile bathole inyama kodwa cishe lezo zinto zazingenele ukondla abantu ababalelwa ezigidini ezintathu iminyaka engu-40.*

Le mfuyo yayikutholaphi ukudla namanzi?# Ngaleso sikhathi kungenzeka kwakunemvula eningi ehlane okwakwenza kube nokudla okuningi okungadliwa yile mfuyo. I-*Insight on the Scriptures,* Umqulu 1, ithi, eminyakeni engu-3 500 edlule, "amanzi ayemaningi e-Arabhiya kunamanje. Ukuba khona kwezigodi eziningi, ezijulile ezomile ezaziyimifula, kuwubufakazi bokuthi esikhathini esidlule kwakunemvula eningi eyayenza kube nemifula." Noma kunjalo, leli hlane laliyindawo engenalutho neyesabekayo. (Dut. 8:14-16) Ngaphandle kwamanzi uJehova ayewanike wona ngokuyisimangaliso, ama-Israyeli nemfuyo yawo ngabe bafa.—Eks. 15:22-25; 17:1-6; Num. 20:2, 11.

UMose watshela ama-Israyeli ukuthi uJehova wayewondle ngemana 'ukuze awenze azi ukuthi umuntu akaphili ngesinkwa sodwa kodwa umuntu uphila nangawo wonke amazwi aphuma emlonyeni kaJehova.'—Dut. 8:3.

---

* Ngasekupheleni kweminyaka engu-40, ama-Israyeli athatha imfuyo engamakhulu ayizinkulungwane yaba impango. (Num. 31:32-34) Noma kunjalo, aqhubeka edla imana aze ayongena eZweni Lesithembiso.—Josh. 5:10-12.

# Akukho okubonisa ukuthi imfuyo yayidla imana ngenxa yokuthi yayikalwa ngokwalokho umuntu ngamunye angakudla.—Eks. 16:15, 16.



Izihlahla zesundu endaweni enamanzi yaseFeiran

# INQABAYOKULINDA
EMEMEZELA UMBUSO KAJEHOVA

Okthoba 2023 | Vol. 144, No. 11 ZULU


IZIHLOKO EZIKULO MAGAZINI


1923—Eminyakeni Eyikhulu Edlule 2

Isihloko Esifundwayo 42: Disemba 11-17 6
"Uyashesha" Yini "Ukulalela"?

Isihloko Esifundwayo 43: Disemba 18-24 12
UJehova 'Uzokwenza' Kanjani 'Ube Namandla'?

Isihloko Esifundwayo 44: Disemba 25-31 18
Tadisha IZwi LikaNkulunkulu Ujule

Isihloko Esifundwayo 45: Januwari 1-7 24
Lazise Ilungelo Onalo Lokukhonza Ethempelini LikaJehova Elingokomoya

IMIBUZO EVELA KUBAFUNDI 30

Amacebiso Okutadisha 32



Lo magazini awudayiswa. Ulungiselelwe njengengxenye yomsebenzi womhlaba wonke wokufundisa ngeBhayibheli osekelwa ngeminikelo yokuzithandela. Uma ufisa ukunikela, sicela ungene ku-donate.jw.org.


Ngaphandle kwalapho kuboniswe ngenye indlela, izingcaphuno zemiBhalo zithathwe enguqulweni ethi *IBhayibheli—ImiBhalo Engcwele* ebhalwe ngolimi lwanamuhla.


*The Watchtower* (ISSN 0043-1087) October 2023 is published by Watchtower Bible and Tract Society of New York, Inc.; Harold L. Corkern, President; Mark L. Questell, Secretary-Treasurer; 1000 Red Mills Road, Wallkill, NY 12589-3299, and printed by Watch Tower Bible and Tract Society of South Africa NPC, 1 Robert Broom Drive East, Rangeview, Krugersdorp, 1739.


© 2023 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania. Printed in South Africa.


## AMACEBISO OKUTADISHA

### Indlela Esingahambisana Ngayo Nokulungiswa Kwendlela Esiqonda Ngayo Izinto

Kuyilungelo elikhulu ukuphila esikhathini lapho uJehova eyicacisa ngokuqhubekayo indlela esiqonda ngayo iBhayibheli kunanini ngaphambili. (Dan. 12:4) Noma kunjalo, kungase kube nzima ukuhambisana nendlela esesiqonda ngayo amaqiniso eBhayibheli. Singazitholaphi lezi zinto ezilungisiwe nencazelo yazo?

- Kuyi-*Watch Tower Publications Index* ngaphansi kwesihloko esithi *"Beliefs Clarified"* kunohlu oluphelele lwezinto ezilungisiwe oluhlelwe ngokulandelana kweminyaka. Ukuze uthole uhlu lwezihloko, bhala ukuthi *"understanding clarified"* (ubhale nabacaphuni) ebhokisini lokufuna kuyi-*Watchtower Library* noma kuyi-*Watchtower ONLINE LIBRARY*™.
- *INcwadi Yokucwaninga YoFakazi BakaJehova* inohlu olufushanisiwe oluhlelwe ngokwezihloko. Iya kwesithi "OFakazi BakaJehova," bese ngaphansi kwesithi "Imibono Nezinkolelo," uye kwesithi "Ukucaciswa Kwezinkolelo Zethu."

Esifundweni sakho somuntu siqu, kungani ungakhethi okuthile okusanda kulungiswa bese ucwaninga indlela esikuqonda ngayo manje nezizathu ezingokomBhalo zalolo shintsho?

**ISITHOMBE ESISEKHASINI 1:**
Cabanga ngesikhathi lapho zonke izidalwa ezihlakaniphile ezulwini nasemhlabeni ziyoba nobunye futhi zibe qotho kuJehova! (Bheka isihloko esifundwayo 44, isigaba 8)

**Ngena kuwebusayithi ethi jw.org/zu, noma uskene ikhodi**


w23.10-ZU
230606